# UNkulunkulu Akambizeli Umuntu Ekwahlulelweni Engamexwayisanga Kuqala

"Abize iziNgelosi eziyizinkulungwane eziyishumi," kanti eyodwa yayingabhubhisa umhlaba, "kodwa Wafela wena nami." Leyo yinto ethize efana nezisekelo engifuna ukuba nomlayezo wami wangeSonto ekuseni, uma iNkosi ithanda, ngokuthi "Wayeyini uKristu na?" Futhi manje sibheke mhlawumbe lamantombazane amancane ukuthi angasiculela leloculo futhi, ngeSonto ekuseni. Mfowethu Wheeler, ngifuna ngempela ukusho ukuthi impela unamanenekazi amancane akahle amabili lapho, nokugqoka kwawo, futhi awanapende ebusweni nayoyonke into. Abukeka njengamaKristu kimi, futhi acula njengakho futhi enza njengakho. Lokho kuhle kakhulu.

2 Ngikholwa ukuthi ngangisho kumkami ngoluny'usuku, ngempela sinesigejane sabesifazane ababukeka behlanzekile ngapha. Ngiyakuthokozela lokho. Izinwele zabo ezinde nobuso obuhlanzekile, futhi begqoke ngokuhloniphekile. Ngi—ngi—ngiyanincoma ngaso sonke isikhathi engi—ngingena ngaso. Ngathi kuMeda, "Ngingathanda ukubamisa bonke emgqeni ngesinye isikhathi bese ngithatha isithombe sabo ukuze ngikhombise amanye amabandla indlela ibandla lethu eliyiyo lapha." Ukuthi lapho esikhuluma khona lezizinto, ba—bayalalela. Futhi siyajabula. Kusenzela into ethize. Siyazi ukuthi uma si—sinezikhalo zethu, uma inhliziyo yethu ingasilahli, siyazi ukuthi uNkulunkulu uyasizwa.

3 Kulokhu ukusa, umngane wami, kude le ukusuka lapha, wabekwa phandle, bamdonsa futhi nje—nje ecish'ukungaphili, wayecabanga ukuthi uyobe esefile emizuzwini embalwa. Babiza, kwakuthi akube semini. Ngaphuma embhedeni, kwiphansi lendlu, ngase ngiqala ukukhulekela umfo omdala futhi ngakwazi ngomusa kaNkulunkulu ukuxhumana nalowomoya, nanku ubuya. Waba kahle, uyabuya futhi, niyabo, ehlala nathi kulobubusuku namanje, kuya enkazimulweni kuNkulunkulu. Lowo nguMfowethu Dauch omdala, oneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nanye ubudala, iminyaka engamashumi amabili—engamashumi amabili-nanye esesedlulile isikhathi sohambo lwempilo yakhe. Kodwa iNkosi inhle futhi igcwele isihawu, ngakho siyabonga ngakho.

4 Manje, Mfowethu Neville, siyaqalazana futhi ngiyazi nginencane nje. . . cishe enye futhi inkonzo ukuba lapha, nalelo kuzoba yiSonto. Futhi a—angifuni ukuthatha umelusi wami, ngiyathanda nje ukumuzwa eshumayela.

5 NgeSonto ebusuku ngenkathi eshumayela, ngiyanitshela, ngenyukela lapha nomngani kulesinema encane, ukuyothenga isemishi kamuva, uMfowethu Evans noDadewethu Evans, wayesegijima engena kuMfowethu noDadewethu Sothmann enhla lapho. UMfowethu Sothmann nabo bonke wayephawula ngalowomlayezo omangalisayo. Futhi, ngiyanitshela, ngiphile ngawo iviki lonke, cishe impela. Nezinye zalezoziphawulo ukuthi kukanjani ukuthi intshe icabanga kanjani ukuthi yayikade izifihlile. Manje, lelo yiqiniso, uma ihloma ikhanda layo emhlabathini, kodwa ingxenye yayo eningi isalokhu ibuka ngaphandle. Ngakho lokho kuthi akube yindlela esenza ngayo ngesinye isikhathi. Sizama ukufihla ikhanda lethu emva kwento ethize, kukhona njalo. . . mhlawumbe sisalokhu sikhombisa, niyazi. Yena ubona konke nokuncu kwethu, niyabo. Ngakho ngempela ngiyakuthokozela lokho.

6 Ngase-ke ngicabanga, awu, ngithanda ukuxoxa ebandleni ngase ngicabanga, awu, ngi—ngi. . . UMfowethu Neville uthola ukuxoxa nani ngaso sonke isikhathi, ngakho manje-ke uma ngisezansi lapha mhlawumbe ngithi qathatha. Angifuna ukuba ngumzenzisi ngokwenele, futhi akusikho ukuthi ngifuna ukubiza noma lutho, ngihlale enhla nje lapho endlini nendlu yokukhonzela ivulwe ezansi lapha. Ngi—ngine. . . ngifuna ukuba sezansi lapha ngoba ngiyanithanda.

7 Ngiyanitshela, ngempela ngithi uku. . . Isimo sezulu lapha asivumelani nami, futhi ngi. . . nezwe alivumelani nami futhi uyangigulisa umoya olapha. Uthi nje lowomoya ungangishaya ngivele nje ngingenwe ukuvuvuka komphimbo, wonke nje, niyabo, futhi ayikho into ongayenza ngakho. Futhi ngi. . . Futhi asizizwa sikahle, namunye wethu, uma silapha. Si. . . cishe kubel'khuni ukuthi omunye wethu kade ezizwa ekahle ngempela selokhu sibe lapha, ngoba sesithe ukuthola ukubejwayela lobo bunjalo bezwe obuphakeme.

8 Kodwa, manje, into eyodwa engidonsela lapha yinina nonke. Kunjalo, nina nonke. Niyazi, uthola izinqwaba zabangani, ngi—ngibonga kakhulu. Ngiqagele ngi. . . uma nje ngibalile, ngesingami, abantu engibaziyo, bekungaba mhlawumbe yizigidi emhlabeni jikelele. Kwake kwalinganiselwa ngomunye, futhi mhlambe ngokwazi komuntu siqu sakhe, ngabantu cishe abayizigidi eziyishumi. Kodwa kunento ethize nge—ngekhaya, ngabantu abathize: Kukhona nje. . . Wonk'umuntu unakho lokho, kunabantu abakhethekile empilweni yakho. Niyazi, ngiyakukholwa lokho. Uma engekho, pho kungani umkethu ekhethekile kithi na? Futhi kungani—kungani owethu. . . Niyabo? Si. . . omkethu, abayeni bethu, kanjalonjalo, kungo—

kungokukhethekile. Futhi ninakho lokho ngabangani. Kunento ethize enye ukuthi nje uyathanda ukuhlangana nabo futhi nje uxoxe nabo. Kunezindawana ezincane.

9 Futhi ngingacabanga ngalelixhaphozi elidala lapha lapho lendlu encane yokukhonzela yama khona, futhi lapha ngaphambi kokuba ime lapha kwakungelutho kodwa i—isiziba. Yingalesosizathu lowomgwaqo ubekwe le phandle lapho, ukuba uzungeze lesosiziba. Lena ngempela yimpahla, nesitaladi siza ngqo ngasemnyango lapho. Futhi, kodwa kwakuyisiziba. Futhi ngiyakhumbula ngiphumela lapha futhi ngizama ukuthola indawo yokwakhela iNkosi indlu yokukhonzela, futhi nje ngise ngumfana osemncane.

10 Ngase ngilalela laba, lomfo osemncane nalona omunye ngapha, ekhuleka esikhashaneni esedlule, ngawo wonke lowomdlandla. Ngacabanga, "Uyazi, ngangivame ukuba ngikwazi ukukhuleka kanjalo, ngaphandle kokuba ngiphefumule, cishe impela." Futhi manje-ke usuthi ukuba mdala, usuthi ukwehla kancane, uyazi, nalokho. Usahamba, kodwa usu "segiyeni lesibili" njengoba ngitshele uMfowethu Woods phandle lapho. Kodwa, bese kuthi-ke inqobo nje . . . Bese kuthi-ke emva kwesikhashana wehlela egiyeni eliphansi, uma usufika cishe emashumini ayisikhombisa noma amashumi ayisishiyagalombili, ngiqagele. Kodwa, uyazi, i . . . usalokhu uhamba, nokho. Inqobo nje uma ungahamba, kwenza mehluko muni na? Isikhashana esinye nje futhi ukufika lapho.

11 Ngiyakhumbula ukuthi ngangikhuleka kanjani, futhi khona lapha kulolukhula, khona lapha lapho lelipulpiti elimi khona manje, cishe nje lapho elikhona, yilapho engabethela khona isikhonkwane esincane lapho engangazi khona ukubeka ipulpiti. INkosi uNkulunkulu ingipha lendawo. Yebo, mnumzane. Manje, khona lapho etsheni eliyigumbi kubekwe khona ubufakazi bami bombono ngokusa engalibeka ngabo, ngenkathi kwakucishe kubel'khuni ukuba ngicabange ngaleyonkathi, yathi, "Leli akusilo itabernakele lakho, kodwa yenza umsebenzi womvangeli," Yasho. Ngabuka phandle ngase ngibona wonke umhlaba lapho, nezibhakabhaka eziluhlaza ezikhanyayo, nabantu bevela ndawo zonke; bubekwe etsheni legumbi lapho. Ngangicabanga kancane kanjani ukuthi lokho kuyokwenzeka, ngisho nakuba umbono washo njalo; kodwa awehluleki, kuzoba lapho noma kanjani.

12 Kade ngisenqwabeni yezingxoxiswano kuleliviki, ngoba, ngeSonto, uBukhona beNkosi obunomusa behla. Futhi ngangifanele ukuba ngahamba ngoMsombuluko.

13 Ngine . . . asikalithathi iholide okwamanje, abantwanyana. Iholide lami liza kamuva, kamuvanyana. Kodwa bengifuna ukuthatha abantwana esikhathini esincane. Bafanele babuyele emuva futhi baye esikoleni manje, futhi ngakho ngicabange

ukuthi leliviki lizoba yisikhathi esihle. Ngibhekene neChicago ngeviki elizayo kulowomhlangano lapho.

14 Kodwa manje-ke u—ugcobo lukaMoya, ngicabange ukuthi, "Manje sekuyisikhathi sokuba nezingxoxiswano." Manje sekuyisikhathi sokuthi lezi . . . ukuthi ngingabambeka kwezimbalwa zazo lapho. Futhi kune . . . ngibona abanye babantu behlezi bekhona obesekamelweni. Bayazi ukuthi ngabe iNkosi ihlangane nathi yini noma qha.

15 Into exakile ukuthi . . . wonke umuntu ngaphandle kwabanye besifazane uBilly abafakile isikhala nje ngaphambili nje, elinye inenekazi lase Lousville, belinentombazane encane ebilapha, ngicabanga ukuthi ngempela bangabeChurch of God eLousville, noma okuthize. Kodwa lonke udaba, bonke abangenayo, ngaphambi kokuba ngisuke ekhaya uMoya oNgcwele ungitshelile ukuthi ubani ozoba lapha, ukuthi bazobuzani. Ngase ngibhala phansi esiqeshini sephepha ngase ngisho nje ukuthi bazobuzani nemibuzo yabo indlela abazoyibuza ngayo, nokuthi izophendulwa kanjani. Manje-ke ngizobatshela, ngithi "Nakhu nje eni . . . bukani manje, imizuzu embalwa edlule lapha, ukuthi uMoya oNgcwele . . . " Ngifinyelela ngale edeskini futhi ngithi, "Niyabo? Ungitshele lokhu ngaphambi kokuba nize nifike." Niyabo? Kodwa ngenkathi ngisephezulu endlini, ukuthi ubani ozoba lapho nokuthi kuzoba yini, ukuthi isimo sabo sokuziphatha sizoba yini, nakho konke ngakho, ngingakasuki ngisho nasekhaya.

16 Ngibone isikhathi, isikhathi esiningi, uma ngisuka ngiza ngehla ngomgwaqo, ngikhuleka, ngibona lowomugqa womkhuleko wedlula phambi kwami futhi ngazi onke amagama azoba semgqeni womkhuleko, ngaphambi kokuba ngize ngifike lapha. Kunjalo. Futhi ngisho nokwazi ukuthi bebehlezi kuphi ebandleni nokuthi yini aba . . . ukuthi bazobe begqoke kanjani nokuthi bazobe bebukeka kanjani. Awubatsheli abantu yonke into kanjalo. U . . . Kunezinto ezenzekayo ongabatsheli nje zona. Akudingekile ukubatshela. Ngitshela abantu nje izinto engicabanga ukuthi izoba siza, uma iNkosi ingicindezela ukuba ngibatshele, ithi, "Shono lokhu." Ungefune ukusho yonke into oyibonile, ngoba lokho ngeke kube kuhle, uyabo, uvele nje . . . kusobala, ungena enkathazweni nayoyonke enye into enjengaleyo. Kuzofanele wazi ukuthi ziphathwa kanjani lezozinto ngoMoya weNkosi.

17 Ngike ngaba nabantu abama phambi kwami futhi bangibuze imibuzo, ngazi ncamashi, kodwa ngingabatsheli, ngoba ngizwe nje ngiphoqeleka ukuba ngingakwenzi. Niyakhumbula, ngikholwa ukuthi kwakusebusuku bangoLwesithathu olwedlule, ngashumayela ngokuthi I*Siboshwa*. Niyabo? Niyabo, ufuna ukumtshela lowomuntu, kodwa Into ethize ithi, "Ungakwenzi." UMoya uthi, "Ungakwenzi. Ungakwenzi." Nokho isiphiwo sikubuka ngqo, niyabo. "Ungakwenzi.

Ungakwenzi." Niyabo, ngakho kungcono ungakwenzi; khona-ke usenkathazweni ngoNkulunkulu.

18 Manje, asehleli lapha kulobubusuku ukuba nje sime lapha. Sifuna ukuzwa iZwi leNkosi. Kade nikhuleka futhi sibe nesikhathi esimnandi, futhi—futhi ngi . . . njalo uma ngehla ngiyazi ngiletha nje incwadi encane yendikimba ngoba kune . . . Ngezinye izikhathi uMfowethu Neville unomusa kakhulu ulokhu eqhubeka nokungicela nje, "Ungakwenza *lokhu*," noma "wenze *lokho*," noma "ukhulume na?" Futhi ngibheka konke lapha ngize ngizitholele indikimba yohlobo oluthize bese kuthi-ke sizoyiqala kusukela lapho. Futhi ngiqinisekile . . . Manje, qinisekani ngeSonto . . .

19 Manje, angi . . . Asazi neze, singeke sasho. Niyabo, ngize lapha ngezikhathi ne—nendikimba emqondweni wami ebengizokhuluma ngayo, futhi ngifike lapha futhi ngiyishintshe ngokuphelele ndawo zonke. Futhi ngibe nemiBhalo ebhalwe phansi, ngithi, "Ngizosebenzisa lendikimba, ngizosebenzisa lemiBhalo. Lapho yehla, ngizosho *lokhu*, *lokho* noma *okunye*." Ngizobhala phansi, njengokuthi nje, abaseKorinte bokuQala 5:15, nabaseKorinte beseBili 7:1, noMathewu 28:16, kanjalonjalo, nje ngikufake kanjalo, phansi lapha kanje, futhi ngibhale leyomiBhalo phansi. Bese ngibuka phansi lapho, ngiyazi ukuthi umBhalo uthini lapho; ngesinye isikhathi ngingakuthinti ngisho nanini lokho, kuhamba kuzungeze yonke indlela ngendlela ehlukile, ngakho konke. Futhi asazi nje.

20 Ngakho manje, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma, ekuvaleni loluhlu oluncane lwezinkonzo selokhu ngibe lapha, ngeSonto ekuseni, entweni esemqoka kakhulu. Ngakho, manje, wozani kuse eli, nilungele ukuhlala nje kubeleyithi kancanyana, mhlawumbe cishe ngelesibili nqo, into efana naleyo. Futhi ngakho ku . . . Ngine lapha cishe emashumini amathathu noma amashumi amane emiBhalo esivele ibhalwe phansi odabeni, kodwa ngicabanga ukuthi uku . . . engizozama ukukwenza, uma uMoya oNgcwele uzongisiza, ukubamba uMlayezo nendawo lapho Okhona manje, futhi ngiWakhe khona lapho Oqale khona, futhi ngiWakhe wenyukele ngqo esikhathi samanje.

21 Ukuze kuthi uma ngi—ngisuka ngiya eChicago, khona-ke ngifanele ngiye ngqo eArizona, bese kuthi-ke ngiqhubeke, ngiqhubeke. Futhi kungahle, ngokwazi kwami, kungahle kube ngunyaka ozayo futhi, mhlawumbe ngehlobo elizayo, ngaphambi kokuba ngibuyele futhi etabernakele, ngaphandle nje uma kungukwedlula nginqamule ngapha futhi, ngoba nginemihlangano.

22 Futhi uBilly, khona manje, usebenza ngokwapheseya kwezilwandle okohambo oluphelele lomhlaba kuqala khona masinya emva kukakhisimuzi. Futhi sengibhukwe ngakho konke kuze kube lapha cishe kuDisemba, futhi, awu, mhlawumbe

iviki lokuqala kuDisemba, eDallas. Ngakho manje-ke—manje-ke ngoJanuwari sifuna ukuqala uhambo lomhlaba oluphelele, yonke indlela macala onke, ngokuphelele, futhi sisebenzela kulokho manje, sithola nje lapho iNkosi ezoholela khona. Futhi—futhi ngi—ngibonga kakhulu ku. . .ngisho nakubantu, abefundisi, kakhulu njengoba ngisho ngokumelana namahlelo abo—abo nezinto ezinjalo.

23 Niyazi, ezincwadini ezibekwe ngqo khona emuva lapho manje, uMfowethu Roy Borders unakekela izimemo, futhi kusukela ngoKhisimuzi, ekuqaleni konyaka, sekube nezimemo ezingaphezulu kwenkulungwane emhlabeni jikelele. Izimemo eziyinkulungwane singenile emuva lapho. Ngakho iNkosi nje izofanele ingiqondise ukuthi yisiphi esalezo engizoya kuso, nokuthi ngenzeni. Sithembele kuYo nje. Ubungeke wazithatha zonke. U—ubungeke wathatha ezingaphezu kwesishiyagalombili noma ishumi zazo ehlobo uma ubungadingeka, ko—kokuphelele. . .ngaphandle nje uma uhamba ubusuku obubodwa lapha nobusuku obubodwa lapho, futhi lokho yi. . .bacelela amaviki amabili namaviki amathathu, kanjalonjalo, inqobo nje uma ungahlala, noma abanye babo uthi "njengoba nje iNkosi iyohola," na—nakho konke kanjalo, ngakho awazi nje impela ukuthi uzoqalaphi noma wenzeni. Ngakho sizendlala nje phambi kweNkosi, sithi, "Manje, sitshele Wena, Baba waseZulwini." Futhi ningisize ngikhuleke ngaloludaba, niyabo, ngisizeni ngikhulekele ukuthi singakwedlulisa lokhu.

24 Ngase ngicabanga, emva kokuba nenkonzo yokuphilisa ngeSonto eledlule, manje-ke mhlawumbe leliSonto uma nje sithatha ukufundisa futhi sikukhuphule ngqo futhi sikhombise ukuthi si—sikhathi sini esi. . .lapho esikhona, ukuthi yini—yini i—yini i—yini i—inhloso ekathathu yecebo elikhulu likaNkulunkulu selokhu kwaba ngaphambi kokusekelwa komhlaba, futhi silehlisele kwinamhlanje, icebo likaNkulunkulu elikathathu, icebo. Ngisebenza engxenyeni yesibili yalo manje, ngikhipha imiBhalo, futhi ngiyifunisisa futhi ngiyibeka.

Manje, ake sibone, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

25 Nkosi Jesu, Melusi wezimvu omkhulu womhlambi, sibuthene lapha kulobubusuku kwelaKho elinomusa kakhulu, iGama elingcwele. SiyaKuthanda, Nkosi, futhi siyaKubonga, ngalobubusuku bomhlangano womkhuleko, ngamahubo ebandla njengoba siwaculile ngenjabulo ezinhliziyweni zethu, futhi—futhi sabezwa lapho bengena, beshaya ihlombe. Sase-ke siguqa ngamadolo ethu futhi sonke sathululela izinhliziyo zethu kuWe, futhi saKubonga ngalokho Osenzele khona, futhi—futhi sicela Wena ukuba uqhubeke ukuba uhambe nathi.

26 Futhi manje ihora selifikile lokufundwa kweZwi nangento ethize okuzokhulunywa ngayo, kubantu. Siqondise

emicabangweni yethu, Baba, futhi uthole inkazimulo. Futhi usho into ethize kulobubusuku, ngathi, ezosisiza sonke ukuba siphume lapha sinenhloso ezinhliziyweni zethu ukuba siphile kangcono futhi sisondele kakhulu kuWe kunoma sike sasondela. Yilokho esikukhonela lapha, Nkosi, silapha ukuba sazi kakhulu ngaWe. Futhi sikhulekela ukuthi Uzosombulula ubuWena baKho obukhulu kithi kulobubusuku esambulweni seZwi laKho, ukuze sazi ukuthi singaba kanjani ngu—ngumKritu ongcono nokuthi senze kanjani kulolu izinsuku zokugcina. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

27 Manje, ukubona kwami kuwela phezu kwendikimba lapha kaIsaya, uIsaya 38. Asifunde ngale kuIsaya, uIsaya 38.

> *Ngalezozinsuku uHezekiya wagula wayephansi kokufa. Kwafika kuye uIsaya umprofethi indodana ka-Amozi, wathi kuye, Isho kanje iNKOSI ithi, Yalela indlu yakho: ngokuba uyakufa, awuyikusinda.*
>
> *UHezekiya wayesephendulela ubuso bakhe odongeni, wakhuleka eNKOSINI.*
>
> *Wathi, Ngiyacela, O NKOSI, ake* ungi*khumbule, ukuthi ngihambile phambi kwakho ngeqiniso nangenhliziyo epheleleyo, ngenzile okuhle emehlweni akho. Wayese uHeze-. . . Wayesekhala uHezekiya ngokukhala okukhulu.*
>
> *Lafika kuIsaya izwi leNKOSI, lathi,*
>
> *Hamba, uthi kuHezekiya, Isho kanje iNKOSI, uNkulunkulu kaDavide uyihlo uthi, Ngizwile umkhuleko wakho, ngibonile izinyembezi zakho: bheka, ngiyakwenezezela ezinsukwini zakho iminyaka eyishumi nanhlanu.*

28 Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo kulokhu kufunda. Kuyindaba egqamile impela okomlayezo omfishane lapha, ngiyakholwa. Ngifuna ukuyibiza ngokuthi: *UNkulunkulu Akambizeli Umuntu Ekwahlulelweni Engamexwayisanga Kuqala*. Futhi si—si—sidingeka sibambe i—isendlalelo noma umsamo wayo lapha, kulendikimba kulobubusuku, uNkulunkulu exwayisa umuntu ngaphambi kokumletha ekufeni kwakhe.

29 Manje, wonke umuntu unalokhu. Singahle sithi, "Awu, *lo*mfo wafa ngaphandle kwesixwayiso." Qhabo, qhabo, qhabo. UNkulunkulu akalokothi . . . Awukwazi okwakukuleyonhliziyo yomuntu, awukwazi obekwenzeka empilweni yakhe. Niyabo? UNkulunkulu akalokothi alethe noma yimuphi umuntu ekufeni kwakhe ngaphandle kokumexwayisa kuqala ngakho, emtshela, yinto ethize, ukulungiselela. UNkulunkulu u—ungozibusayo, futhi U—Ungqongqotha enhliziyweni yawowonke umuntu, emnika ithuba lokuza. Manje, Angahle asuke axwayise futhi aSenqabe, futhi—futhi anikine ikhanda lakhe kuSo, futhi asuke

ahambe, athi, "A, kungumuzwa oxakile nje, ngizoweqa." Kodwa, empeleni, bekunguNkulunkulu, uNkulunkulu ekhuluma kuye.

30 Futhi uNkulunkulu akalethi neze ngisho ukwahlulelwa phezu komhlaba enganikezanga abantu kuqala isexwayiso. UNkulunkulu akenzi lutho neze engakumemezeli kuqala Azokwenza. Futhi Unika abantu ukuzikhethela, futhi unga—ungenza okulungile noma okungalungile. Lokho ngokwaKhe . . . Niyabo, uNkulunkulu angeyiguqule neze imvelo yaKhe—yaKhe. Uhlelo lwaKhe ngeke lwaguquka neze kulokho Aqala ngakho, ngoba Ungongenasiphelo nohlelo lwaKhe nemibono yaKhe konke kuphelele. Ngakho, uma UbengaKuguqula, lokho bekungakhombisa ukuthi Wayesefunde okunye futhi. Ngakho, ngokuba ngongenasiphelo, Angefunde okunye futhi. Isinqumo saKhe sokuqala—saKhe—saKhe sokuqala njalo siphelele, futhi akukho lutho okungake kuze kuSishintshe. Niyabo?

31 UNkulunkulu, ngaphambi kokuba umuntu aze abeke . . . wabanethuba lokwenza okungafanele, uNkulunkulu wambeka ezisekelweni ukuya lapho ayengemukela khona noma aphike, angemukela noma—noma qha.

32 Ake nisho, kambe, uma lowomfundisi phakathi lapha, uMfowethu Baker, ngikholwa ukuthi wayese—sezingxoxiswaneni ngoluny'usuku, nginemibuzo yakhe ayengibhalele yona ngenzalo yenyoka. Nginayo ibekwe emuva lapha manje. Uma ekhona, ngani, awu . . . angimboni ndawo ngaso lesisikhathi samanje. Kodwa ulapha. Yena nomkakhe, indoda ekahle impela nowe—nowesifazane, kodwa ba—babengaziqondi izinto ezimbalwa ngokufundisa ngenzalo yenyoka, kanjani ukuthi—ukuthi . . . eminye imibuzo mayelana nalokho engangikushilo, ne—nezintshumayelo ngaphambili le kwalokho, futhi—futhi exoxa ngo—ngokumitha kanjalo njalo. Kodwa ngi . . . manje-ke kunjengomfowethu nje, umuntu okahle, umKristu nje okweminyaka ethi ayibe mibili noma emibili, kodwa nje yayingaqondi, niyabo.

33 Kul'khuni uma unga . . . Ufanele uthembele kuMoya oNgcwele ngoba leliBhayibheli lilotshwe laba yimpicabadala. Ungeke nje wahlala phansi futhi uLifunde njengephephandaba. Lifihliwe. Yebo, mnumzane. Wawuyoke uze umlungisise kanjani uNkulunkulu ngenkathi Etshela uMose phezulu lapho, wathi, "Manje, ungazenzeli izithombe ezibaziweyo," emiyalelweni yaKhe, "ungazenzeli noma yini efana neZulu, noma iyiphi—noma iyiphi iNgelosi, kumbe noma yini enye, ungazenzeli izithombe ezibaziweyo," futhi nokho ngosuku olufanayo wamtshela ukuba abumbe iziNgelosi ezimbili ngethusi futhi azibeke ngqo esihlalweni somusa, lapho umusa ukhona? Niyabo? Uzofanele umazi uNkulunkulu neMvelo yaKhe ngaphambi kokuba ukwazi ukuqonda iZwi laKhe. U—U—Unokhiye kuleloZwi, Yena uqobo, futhi U—Unguye yedwa Onga—

ngaLiphatha futhi aLivule, futhi ngakho unguye Ozofanele aLembule.

34 Futhi manje, sithola ukuthi iMvelo yaKhe yayi, lapha, njalo ukuxwayisa umuntu ngaphambi kokwehlulelwa, ukuxwayisa isizwe ngaphambi kokwehlulelwa, nokunye nokunye. Njalo unikeza isexwayiso saKhe, isikhumbuzo kithi, sesibopho. Sibophezekile, noNkulunkulu usibeke lapha emhlabeni ngesizathu, futhi lesosizathu Asibekele sona lapha, sibophezekile kuYe ngalesosizathu. Ufanele uye kuYe futhi uthole ukuthi Ufuna wenzeni. Niyabo? Uma ungakwenzi . . .

35 Uma uhambe ukuyosebenzela umuntu, futhi ukunika umsebenzi eplazini lezinkomo, noma okuthize okunye, futhi nje uvele waphumela esibuyeni futhi nje wahlala phansi phandle lapho, futhi uthi, "Awu?" Niyabo, ufanele uhambe uyombuza ukuthi ufuna wenzeni, bese kuthi-ke ukwenze. Uma usebenzela umuntu, thola ukuthi imisebenzi yakho oyimiselwe uyini.

36 Futhi khona-ke uma ukuphila kwethu kuse—semhlabeni lapha, khona-ke sifanele siye kuLowo Owasibeka lapha, futhi, "Nkosi, Ufuna ngenzeni na? Yini—yini—yini engifanele ngiyenze na? Ngikhonela ini lapha na?" Uma kufanele kube ngunkosikazi womuzi, umgezi wezitsha, uma kufanele kube . . . Noma yini uNkulunkulu afuna uyenze, khona-ke yenza lokho ngokuhle impela kunakho konke owaziyo ukuthi kwenziwa kanjani. Akunandaba ukuthi kuncane kanjani, akunandaba ukuthi kuncane kangakanani, ufanele ukwenze.

37 Wena uthi, "Awu . . . " Inkathazo yakho, ngukuthi, ngamunye wethu ufuna ukwenza umsebenzi wendoda elandelayo. Sonke sifuna ukuphatha ibhola, njengoba sisho, niyabo.

38 Njengaleliwashi lapha, manje, wonke umnyakazo omncane phakathi lapho unendawo yawo. Manje, yonke ingxenye yalo ingeke ibe yizinti. Manje, ngibuka kuphela ezintini ukubona ukuthi sikhathi sini. Kodwa uma elilodwa lalawo masondo amancane phakathi lapho liphuma endleleni, lokho ngeke kugcine isikhathi esikahle.

39 Futhi yileyondlela okungayo kubantu. Sithe sonke, uMzimba kaKristu, uzofanele babesendaweni yabo eyiyonayona, ngokuzwana. Niyabo? Futhi khona-ke singaqalaza bese sibona ukuthi kusikhathi sini sosuku. Niyabo? Khona-ke izwe liyabuka ukubona ukuthi kuyini. Niyabo? Niyabo? Kodwa babhekisisa wena. Futhi uma nje uyisipringi esincane esincinyane sewashi, isispringi esikhulu, kumbe noma ngabe uyini, yenza umsebenzi omuhle ukwedlula yonke impela ongayenza kulokho.

40 Manje, ngoba, sinesibopho esizofanele siphendule kuNkulunkulu ngoluny'usuku ngaso. Wonke umuntu ofika ebusweni bomhlaba uzofanele aphendule kuNkulunkulu ngesibopho. Futhi, kwabaningi bethu, ubunceku, sizofanele siphendule ngabo. Si . . . Lesisibopho singubunceku obunikelwe

kithi nguNkulunkulu, angikhathali ukuthi buyini. Njengoba ngishilo emizuzwaneni embalwa edlule, "inkosikazi yomuzi," khona-ke yiba yinkosikazi yomuzi yangokoqobo. Kunjalo. Uma kuzoba ngumlimi, yiba ngumlimi wangokoqobo. Noma ngabe yini uNkulunkulu akubeke ukuba uyenze, unobunceku kulokho. Uzofanele uphendule kuNkulunkulu ngabo, ngoba buthatha zonke lezizinto ukubenza.

41 UHezekiya watshelwa ukuba enze ukulungela nokuthi alungele ngenxa yokuthi wayezodingeka abonane noMenzi wakhe. Manje, uHezekiya wayeyinkosi, nendoda e—enkulu. Nike nasiqaphela isinxuso sakhe lapha na? "Nkosi, ngiyaKuncenga ukuba unginake. Ngi—ngihambile phambi kwaKho ngenhliziyo epheleleyo." Ubufakazi obunje pho obu—bu—bukithi namhlanje, futhi kufanele, indoda ehamba phambi kukaNkulunkulu.

42 Ngisho nokufa kwamenyezelwa phezu kwendoda futhi nokho uNkulunkulu waguqula umqondo waKhe ngayo, ngoba uHezekiya wayefuna ukwenza into ethize noNkulunkulu wathi U "yosinika izifiso zenhliziyo yethu." Nesikhathi sikaHezekiya sase sifikile, futhi wa—wathola umdlavuza kuye, noma into ethize enye, futhi—futhi babekubiza nge "thumba" ngalolosuku, kodwa siyazi ukuthi amathumba ngokomthetho awakubulali, bayasinda nje. Kodwa mhlampe kwakungumdlavuza, futhi wavuleka njengethumba. Futhi—futhi uNkulunkulu watshela uIsaya, wathi, "Khuphukela lapho bese umtshela ukuthi uzofa." NoHezekiya wayenento ethize ayesafuna ukuyenza nokho. Wayene—wayene . . .

43 Uma uzincengela noma yini kuNkulunkulu ufanele ube nesizathu sayo. KunjengalomBhalo nje kaningi kakhulu engithathisela kuwo, "Uma uthi kulentaba 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuzokwenzeka, ungabanakho okushilo." Manje, ngakho konke lokho kulawulwa enjongweni nempokophelo, niyabo, kungenjalo ngeke kwenzeke. Niyabo?

44 Ungeke nje uphumele lapha . . . Yilapho abaningi bethu enza khona amaphutha amaningi, ukuphuma futhi sithi, "Manje, ngizonikhombisa ukuthi nginokukholwa ukwenza lokhu." Manje, unephutha kwasekuqaleni. UNkulunkulu akakuniki iziphiwo ukuba udlale ngaso nje.

45 Njengoba kade ngisho esikhashaneni esedlule, Akakukhombisi imibono ukuba nje udlale ngayo. Lokho akusikho okokudlala ngakho. Lokho kungcwele. Kusebenzise nje phakathi . . . njengoba iNkosi izokuvumela. Yiba yisiboshwa kuYo. Akunandaba ukuthi ufuna kangakanani ukutshela lowomfo ukuthi unephutha, nokuthi yini lokhu, lokho, noma okunye, uyabambelela uthule aze uNkulunkulu asho njalo. Bese-ke uma uNkulunkulu esho njalo, khona-ke ungafika no ISHO KANJE INKOSI! Kuze kube yilokho, nje khohlwa ngakho.

46 I—izwe namhlanje lifana nje njengoba wayenjalo uHezekiya ngaleyonkathi, lixwayisiwe. Lixwayiswa njalonjalo. Ibandla liyexwayiswa. Futhi, manje, lezizinto azenzeki nje nge—ngeshansi. Zonke zinento ethize emva kwazo.

47 Manje, uHezekiya, egula, enalelithumba, kwakungengashansi. UNkulunkulu wathumela uIsaya enhla lapho futhi wamtshela ukuthi ayalele indlu yakhe manje ngoba wayezofa. NoHezekiya wakhala izinyembezi, futhi watshela uNkulunkulu, "Ngihambile phambi kwaKho ngenhliziyo epheleleyo futhi ngi—ngiyakhuleka ukuba Usindise impilo yami ngesizathu, isizathu esihle, isizathu sikaNkulunkulu."

UNkulunkulu watshela umprofethi, wathi, "Buyela emuva futhi umtshele."

48 Manje lokho akuxakile na? UHezekiya wayeyindoda enkulu kunawo onke ezweni. Niyabo? UHezekiya wayeyinkosi, nendoda emesabayo uNkulunkulu. Wayeyindoda yangempela, uma wakwazi ukuzincengela ngalokho phambi kukaNkulunkulu noNkulunkulu akamsolanga ngakho, "Ngihambile phambi kwaKho ngenhliziyo epheleleyo." Manje lokho kungukusho konke okuninginingi. Niyabo?

49 Futhi uNkulunkulu akazange athi, "Qhabo, Hezekiya, awukwenzanga," kodwa Wavuma ukuthi wakwenza. Wayesethi, "Ngizo—ngizoyisindisa impilo yakho isikhathi esidana." Niyabo? "Ngizokunika isicelo sakho," niyabo, ngoba wayekade eyindoda elungileyo, wayekade e—eyinceku yangempela kuKristu.

50 Futhi manje-ke siyezwa ukuthi sinelungelo lokucela into ethize uma—uma impokophelo yethu ikahle, bese kuthi-ke kube yinjongo yethu kukho.

51 Manje, siyabona namhlanje ukuthi iminyaka emingi edlulile, ngizothi okweminyaka eyishumi nanhlanu edlulile, kuya eminyakeni eminye emingi, ukuthi njalonjalo bekuba nesixwayiso esiphumela ezweni lonke, "Phendukani, noma nibhubhe!"

52 Niyaqaphela, bengikhuluma namhlanje kunkosikazi kusesekuseni nje kulokhu ukusa, futhi ngi . . . kusesekuseni ekudleni kwasekuseni, besihlezi etafuleni sixoxa ngingakahambi. Ngase ngithi, "Nkosikazi . . . " Ubexoxa ngoBilly Graham, nangomkakhe, ukuthi bazama kanjani nayo yonke into ukuphila ngokwejwayelekile nje. Ngathi, "Leyo yinceku yangempela uma ingazami . . . uma i . . . indoda yenza mhlawumbe izigidi ezimbili noma ezintathu ngonyaka phandle emikhankasweni yayo, kodwa ayiyemukeli, isisekelo sayo siyayithatha, siyibeke ngokuyibuyisela emsebenzini nokusakaza, njalonjalo. NoBilly uthola cishe izinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu ngonyaka."

53 Wathi, “Uyoke azisebenzise kanjani izinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu ngonyaka na?”

54 Ngathi, “U—uthatha nje leyo azoba nayo, yilokho kuphela. Unekhaya afanele alikhokhele, nayo yonke into.” Ngaqhubeka, ngase ngithi, “Nginezininginingi izinhlonipho ngoBilly Graham,” ngathi, “ngenxa yokuthi unomlayezo, nalowomlayezo ungukuphenduka.”

55 Kwase kuthi-ke, ngiyanitshela, akukho-muntu engaziyo ngaye, lowo osezweni namhlanje, uNkulunkulu amsebenzisile ngalowomlayezo njengoBilly Graham. O, unawo phansi ngokufanele, futhi nje uma lapho futhi, ngiqonde ukuthi, ubizela labosombusazwe namalunga ebandla ekuphendukeni. Kodwa yilapho ahamba agcine khona.

56 Futhi nakhu kufika uMfowethu Oral Roberts, enye inceku enkulu yeNkosi. Futhi akukho-muntu ophumela lapho futhi aqhathanisane no Oral Roberts. Lokho kubamba ngqi kwesiphikeleli sokuba nje—sokuba nje kukhishwe imimoya emibi nokubiza iGama leNkosi na—namadlingozi amancane, kanjalonjalo, ngokuphilisa kukaNkulunkulu. Kunjalo impela. Naso isithunywa kwiPhentekoste.

57 Naso isithunywa ezweni lehlelo lebandla, niyabo, nezwe elibandayo.

58 Bese kuthi-ke qalaza enkonzweni yethu uqobo encane ethobile, kumi “UJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade,” niyabo. Leyo yenzani na? Ibiza leloqembu loMlobokazi, niyabo. Niyabo? Niyabo, i—ibiza kuwo omabili lawomaqembu. Ikhipha iSondo esondweni. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini?

59 Futhi manje-ke uNkulunkulu uqinisa lowomlayezo uBilly Graham awushumayelayo. UNkulunkulu uphilisa abagulayo ngemikhuleko kaOral Roberts. NoNkulunkulu uveza izinto uJesu . . . ufakazisa ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi ubiza lezozinto e . . . Yimilayezo yehora. Futhi ngamunye waleyomilayezo uyabiza, “Phendukani, noma nibhubhe!” Kunjalo. “Phendukani, noma nibhubhe!” Akukho mathemba, lonke alisekho. Izwe lixwayisiwe ngokuFika kwaKhe. Ngamunye waleyomilayezo ukhuluma futhi uxwayisa ngokuFika kweNkosi uJesu, kokubili ebandleni ngegama nje . . .

60 Khumbulani, uNkulunkulu njalo ukokuthathu. NjengoYise, iNdodana, noMoya oNgcwele; nokulungisiswa, nobap- . . . nokungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; kanjalonjalo; Ukokuthathu.

61 Manje, uNkulunkulu uyilowomlayezo wokuphenduka ebandleni ngegama nje. UNkulunkulu ukulowomlayezo wokuphilisa ngokukaNkulunkulu ebandleni eliyiPentecostal. UNkulunkulu useMlayezweni kuMlobokazi. Niyabo? Ngakho sithola ukuthi bonke bebiza, oyedwa ku*lokhu*, lona ku*lokho*,

nalowo ku*lokho*. UNkulunkulu ebiza ibandla liphume ezweni; i . . . ebiza ibandla ebandleni lehlelo lingene kwiPhentekoste; futhi ebiza uMlobokazi aphume kwiPhentekoste. Niyabo?

62 NjengoLuther, uWesley, namanje. Niyabo, konke nje kufanekiswe ngokuphelele kwayofika phezulu futhi akukho phutha ngakho. Ngishaye macala onke eziphetho zakho, namacala akho, nangaphakathi nangaphandle kwakho, futhi ngakukhombisa ngomBhalo, izehlakalo zokulandelana kwemilando kwakho, sesize siyazi ukuthi kuyiQiniso ngokoqobo. Niyabo? Akukho phutha. NgeSonto ngethemba ukuthi uNkulunkulu akuzikise kujule kakhulu ukuthi anisoze nakwazi ukusuka kukho. Niyabo?

63 Manje, uNkulunkulu enikeza isixwayiso, "Lungelani ukwahlulelwa." Amabhomu amatomu asezindlini zamabhanoyi, yonke into ihlezi imi ngomumo. Futhi uNkulunkulu, ngaphambi kokuba Engadedela lento yenzeke, Wenza ubizo kusukela phansi kwedlule, njengoba Enza eSodoma, "Phumani kulo. Lungelani. Kukhona into ezokwenzeka."

64 Njengasezinsukwini zikaNowa, ngaphambi kokuba uNkulunkulu athumele amanzi ukubhubhisa umhlaba ekubhubhiseni umhlaba ngamanzi okukhulu okwakuphumele esonweni, njengoba uJesu washo ngokucacile ukuthi kwakuwusuku olunjengalolu nje. "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Ukuthi babakanjani abesifazane ekudlangeni, no—nokugana nokuganiselana, no—nokuzuza ngempumelelo okukhulu kwesayensi, nabafundile abahlakaniphile beya ohlangothini lokuhlakanipha, noMhlambi omncane othobile uhlezi eceleni uqhelile ulinde ukwahlulelwa okusalindelwe nokuphunyaka. Futhi phambi kokuba uNkulunkulu athumele lokho kwahlulelwa, Wathuma umprofethi.

65 Njengoba Enza nje kuHezekiya, Wathi, "Lungela, ngokuba izahlulelo zilungela ukuwa."

66 Futhi wenza abantu balungele isikhathi. UNowa wenza abantu balungele, futhi kwakungukubiza kwesihawu ngaphambi kokwahlulela.

67 INineve yenziwa yazi ngaphambi kwesikhathi sabo. UNkulunkulu wabuka phansi eNineve, futhi Wathi, "Ngi—Ngikhathele ngidiniwe nje yilezizinto." Ngi—ngi—ngiyaqonda ukuthi—ukuthi i . . . nakuba lelo elikhulu, abahedeni, izwe labeZizwe . . . Umuzi wabo, njengoba kwenzeka ngaleyomihla, babahlulela ngomuzi; manje kungezizwe, manje emva kokuba inani labantu selande ngendlela elande ngayo. Wathi, "Lowomuzi omkhulu usuyekelwe, ngakho konke, esonweni."

68 Futhi uNkulunkulu, ngaphambi kokuba Athumele ukwahlulela, Wathumela umlayezo oxwayisayo, "Phumani kulo! Lungani!" Bhekisisani, umprofethi akazange asho lutho

kodwa—kodwa ukuthola . . . Wathi, "Phakathi kwezinsuku ezingamashumi amane lomuzi uzobhujiswa."

69 Futhi, o, kwesinye isikhathi kul'khuni kanjani ukwenza izinto ezinjengalokho, ukutshela abantu. Uma umprofethi engabhekisisi, uzongena enkathazweni, ngoba uzothi ukuchezukela eceleleni, ezama ukukwenza kube lula, noma axegise kancanyana lapha nakancanyana lapho. Kodwa umprofethi wangempela unenqubo evela kuNkulunkulu, akafanele neze axegise lutho, ufanele ngokoqobo akubeke ngqo emgqeni.

70 Yingalesosizathu Asebenzisa umoya kaElija kakhulu kangaka, niyabo, ngenxa yokuthi lowomoya njalo uthwala iziyalo zaKhe. Niyabo? Niyabo, kwaletha iziyalo zaKhe nje impela lokho oKwakuyikho, futhi njalo uku "Buyela eZwini!" Niyabo? Njalo kubabuyisela eZwini.

71 Manje, sithola iNineve esonweni. Nomprofethi wayenqikaza ngoba kwakuyizwe labaziZwe, niyabo, kwakuyisizwe sabeziZwe, abantu beziZwe; kungesibo abakubo uqobo, kwakungesiwo amaHeberu. BabengabeziZwe. Umkhumbi omkhulu, isikhumulo semikhumbi sezohwebo iNineve eyayiyiso, imboni enkulu lapho yokudoba, abantu babedoba. Futhi—futhi ba—babene . . . kungahle ukuba kwakuyizwe elikhulu elinesono lapho. Imali eningi; na—nalapho imali iningi kakhulu khona, nabantu besembonweni odumile wosuku, isono njalo sihlala phakathi, nodlame.

72 UNkulunkulu wayesekhathele ngalo. Ngakho Wayenomprofethi ezweni, ngakho Wathi kumprofethi waKhe, "Yehlela lapho eNineve futhi umemeze, futhi uthi, 'Phakathi kwezinsuku ezingamashumi amane umuzi uzobhujiswa.'"

73 Manje, uJona wacabanga manje, "Uyazi, ngingahle ngingene enkathazweni encane." Ngakho wayefuna ukuqiniseka kakhulu, ngakho wacabanga ukuthi uzothatha iholide elincane futhi—futhi ehlele eTarashishi. Futhi sithole ukuthi i . . . kwakusele nje izinsuku ezingamashumi amane. Niyabo?

74 Ngakho uMlayezo uyaphuthuma, isikhathi sesiseduze. Ningalokhu nidlala ngezinye izinto futhi nithole iziqu zeZiqu zobuNgcweti futhi nithole into ethize. Ihora seliseduze! Yileyo indaba ngabantu namhlanje, sizama ukwakha izikole ezinkulu futhi sibe nezinto ezinkulu njengaleyo. Kanti isihawu . . . He! Uma sishumayela ukuFika kweNkosi, yini esiyidinga ngezikole na? Sidinga ukuphenduka ngakuNkulunkulu! Niyabo?

75 NjengoHudson Taylor wathi esithunyweni senkolo esisesincane, wathi . . . Noma, umfana oyiShayina osemncane uza kuye, wathi, "Mnu. Taylor," wathi, "iNkosi uJesu ingigcwalise ngoMoya waKhe." Wathi, "Ngi—ngijabule kakhulu!" Wathi, "Ngingayithatha yini iminyaka eyishumi manje futhi ngithole iziqu zami nokunye nokunye na"?

76 Wathi, "Ndodana, ungalindeli iziqu. Uma ikhandlela lokhelwe, hamba uLisho! Hamba uLisho. Ungalindeli iziqu. Qhabo, uyosha uhhafu ngaphambi kokuba uqede, ngeziqu zakho."

77 Masithi, uma lokhelwa, uma ungazi lutho olunye, shono nje ukuthi lokhelwe kanjani. Futhi nje—nje ungazami ukuthatha indawo yomunye umuntu, noma indawo ethize. Uma ukwazi, shono nje ukuthi yini oyazi iyiQiniso, "Yilendlela eLifika ngayo kimi, futhi ngezwa kanje ngaLo." Lokho yi . . . Uma ungazi ngaphezu kwalokho, shono lokho! Asihambe! UMlayezo uyaphuthuma, isikhathi sesiseduze.

78 Manje, uma-ke uIsaya ethi, "Awu, manje ngizolinda futhi ngibone ukuthi uqhubeka kanjani nalelothumba, kuqala, uyabo. Ngibone ukuthi kanjani—likanjani . . . "?

79 Niyabo, uNkulunkulu wamtshela, "Yenyukela lapho futhi umtshele, khona manje!" Niyabo?

Futhi Watshela uJona ukuba ahambe. O, he!

80 Futhi esephumele lapho kulololwandlekazi nakulololwandle olujulile, no—nomkhumbi wama esiphephweni, futhi babemise useyili bese-ke bejika bejika, bayamangala ukuthi kwakuyini indaba ezweni phandle lapho. Kodwa abaqondanga, kwakubukeka sengathi into yayigcwala amanzi. Futhi—futhi wonke umuntu ebiza unkulunkulu wakhe, futhi into yokuqala niyazi . . . uJona wayeseholidini lakhe, ngakho wacabanga ukuthi angavele azilalele nje, futhi ufanele ukuthi wehlela ezindongeni ezakhiwe zahlukanisa izindawo ngezindawo zomkhumbi, futhi elele phezulu lapho nezinyawo zakhe ziphasile, elele ubuthongo. Wayesethi, "Vuka, O vila ndini, futhi ubize uNkulunkulu wakho!" NoJona wayazi ukuthi yini eyayingalungile.

Kanjalo wonke umuntu uyazi ukuthi yini engalungile namhlanje! Niyabo?

81 Wayesethi, "Konke kuyiphutha lami. Ngithatheni ningibophe izandla zami, futhi ningiphosele phandle olwandle, futhi manje-ke lenkathazo izoyeka." Futhi babethi ababe wuhlobo lwesigejane sabafo abathi ababe ngabanumzane abahloniphekile futhi babengafuni ukwenza lokho, kodwa bathola ukuthi wayengumprofethi futhi ekwazi ayekhuluma ngakho. Wathi, "Bengi—ngicabanga ukuthi ngizothatha iholide lami kuqala, kodwa—kodwa iNkosi ayifuni ngithathe leliholide. Ngifanele ngehlele lapho, nginomsebenzi engiwumiselwe. Bengicabanga ukuthi ngizoke ngiphumule kancanyana ngaphambi kokuba ngihambe, kodwa ngifanele ngihambe. U—umlayezo uyaphuthuma, ngifanele ngifike lapho."

82 Sengiyabona, ngenkathi leyonhlanzi ethize emiselwe ithola uJona phansi esiswini sayo, yayisijike yabheka emuva futhi yaphosa amanzi lonke izwe, yasuka yaqonda eNineve

yahamba ngelikhulu ijubane. UNkulunkulu wayewezela lowomlayezo lapho kuleyonhlanzi ethize emiselwe. Futhi yasuka yaqonda eNineve ihamba ngelikhulu nje ijubane, ngoba ya—yayinesithunywa esigibele futhi yayifanele isifikise lapho. Sathatha umkhumbi ongesiwo, kodwa uNkulunkulu wayesihlinzeke ngomkhumbi.

83 Ngakho, niyazi, uNkulunkulu unamandla okwenza izinto ezinkulu uma nje sizoMlalela. Niyabo? U—Uyokwenza Uyokwenza izindlela lapho kungekho ndlela khona. U*yi*Ndlela. Niyabo? Futhi uma uMlayezo uphuthuma uqobo, njengoba Unjalo namhlanje, uNkulunkulu uhlinzeka indlela.

84 Siyaqaphela futhi ngenkathi uAmose. . .ngashumayela ngalomfo, uAmose. Uma ungathanda ukufunda indaba ngesinye isikhathi, inkulu, ufunde indaba kaAmose, isahluko sokuqala sikaAmose. Ungolunye uhlobo lwe—lwezixwayiso ngaphambi kokuba ukwahlulela kushaye isono. Manje, umuzi ayezowexwayisa, laphaya, kwakuyisigejane samaJuda ukuthi—ukuthi onke athi ukuchezuka futhi wawuphenduke isizinda esikhulu sabavakashi. Futhi—futhi sengiyabona, njengoba nginikeza ukufanekisa ngalokho ukusa, ngikhuluma ngaye, lokho, ngenkathi ikhanda lakhe elinempandla lenyukela phezulu esiqongweni segquma namehlo akhe amadadlana ancipha lapho ebuka phansi futhi wabona isono saleso sizwe esikhulu nabantu, intshebe yakhe emhlophe lapho eyiphulula kanjalo. He, into enje pho! Kodwa akukho muntu owaziyo ukuthi uvelaphi.

85 Akukho muntu owazi labo baprofethi, bavele nje bavuke ndawo ndawo futhi bahambe ngendlela efanayo.

86 Kodwa waya kongena emzini eno "ISHO KANJE INKOSI! Phendukani, noma nibhubhe! Ngokuba uNkulunkulu uzosibhubhisa lesisizwe. Uzo—uzoshanela lendawo isuke ebusweni bomhlaba. Wenze isivumelwano nesitha sakho. Futhi u—usekuthuleni, uyacabanga, nesitha sakho, kodwa ngaso sonke isikhathi amaSiriya a—ayakha ayaphakama phandle lapho. Ningeke nahamba nobabili ningavumelananga. Yilokho kuphela." Ngakho wathi . . .

87 Futhi uNkulunkulu ufuna sizahlukanise. Ufuna si "phume ezweni," singazami ukuphila nezwe noNkulunkulu futhi, singazami ukulingisa izwe noNkulunkulu. Uzofanele uphilele Oyedwa noma omunye, uzofanele ukholwe Oyedwa noma omunye.

88 Futhi manje sithola ukuthi, loAmose, ngempela wabikezela ukwahlulelwa phezu kwalababantu ngaphandle uma bephendukile. (Futhi—futhi, he, ngakho—ngakho kufitha kahle usuku lwethu.) Ngicabanga ukuthi lomuzi omkhulu, njengokubuka emuva ngalokhu futhi, umuzi omkhulu ezansi lapho, ukuthi wayekela kanjani wonke, no—nomnotho

omkhulu ababenawo wezinto zonke, unokuphumelela. Futhi babecabanga ukuthi babekuyo impela nje intando yeNkosi, ngoba babephumelela. Kodwa bathola ukuthi uNkulunkulu akasuye njalo umqalisi wempumelelo. Qhabo, uNkulunkulu . . . Ngezinye izikhathi uma impumelelo ishaya amabandla, liyaqhela kuYe.

89 Niyazi, uNkulunkulu wakhuluma ngoIsrayeli ngesinye isikhathi, wathi, "Ngakuthola unegazi endle, futhi Ngakugeza futhi ngakungenisa," ukuba abe ngumntwana waKhe uQobo. "Kwase kuthi-ke ngenkathi uba mkhulu, nentombi enhle, wabamba iqhaza lokuba yisifebe." Wathi, "U—u—uzinikela nje kuwo wonke umuntu odlulayo." Niyabo? "Kodwa ngenkathi usempofu futhi udinga, ngenkathi—ngenkathi wawunesidingo, waNgikhonza. Kodwa ngenkathi Ngikubusisa futhi ngikunika inala, khona-ke wadeda kiMi." Futhi sekuthi nje akufakaziswe ngaleyondlela. O, he!

90 Manje, sithola ukuthi lomprofethi wasishaya wasilahla phansi ngempela lesosizwe, loAmose. Wayengumfana olima ngegeja lezinkabi nje. Kodwa sithola ukuthi ngenkathi enza, washaya walahla phansi wayesebatshela ukuthi kuyoba njani, futhi wabatshela ukuthi uma bengalungisananga noNkulunkulu ukuthi isitha ababethathe ukuphathisana naso sasizoba yiso impela esibabhubhisayo.

91 Manje sithola ukuthi iMelika yethu eziqhenyayo ayizukuphunyuka olakeni lukaNkulunkulu. Njengoba ngakhuluma ngoluny'usuku selokhu ngibe lapha, ngiqinisekile ukuthi kwakulapha, ngakho konke ekupheleni. Niyazi, ngi—ngingebone lutho lokwakhela kukho. Ungeke wakhela kwezombusazwe, sekuphelile. U—ungeke wakhela empilweni yenhlaliswano, ngoba ikhohlakele kakhulu. A—a—akukho lutho ongakhela kukho lapho. Futhi ungebeke mathemba kuyilutho.

"Kuthiwani-ke ngebandla na?"

92 Awu, ungenze lutho ngebandla, ligcina umthetho ngamehlo nje kakhulu futhi selihambile, akusekho lutho okusele. Sebevele bathengise ngobuzibulo babo ngokudlanyana, futhi nje balindele ukwahlulelwa. UMoya oNgcwele unqamule kulesisizwe, ukhombisa izibonakaliso zaWo nezimanga, futhi ngokuqhubeka badelela umusa waKhe. Uyaziqinisekisa Yena uqobo futhi afakazise, ngesiqinisekiso saWo esikhulu, ukuthi UyiZwi likaNkulunkulu libonakaliswa ngalolusuku. Futhi basalokhu beLenqaba. Niyabo? Ayisekho into esele manje. Ungeke nje wakwenza njalo lokho kuNkulunkulu. Niyabo?

93 Kulungile, siyathola, okokuqala, Uthuma abaprofethi baKhe nesixwayiso. Akayiguquli indlela yaKhe, indlela yaKhe yokwenza izinto.

94 Akashayi njalo uma Exwayisa. Ngifuna nibhekisise lesisicaphuno. UNkulunkulu unikeza isixwayiso kodwa

Akashayi njalo ngesikhathi esifanayo Axwayisa ngaso. Nikuqaphelile lokho na? Bese kuthi-ke uma Engashayi uma Ethumela isixwayiso, khona-ke umprofethi uyabhinqwa, "UbungenaSo. Uqambe amanga. U—ubungaqinisile."

95 Leyonto efanayo ingahle ukuba yashiwo ku—kuIsaya. Ucabanga ukuthi leyondoda yacabangani ngenkathi yenyukela lapho futhi yaprofetha ukuthi inkosi yayi "zofa," bese-ke ibuyela ezansi yathi, "Qhabo, izophila"?

96 Kuthiwani ngoJona edabula emigwaqeni, ethi, "O, lomuzi uzobhujiswa phakathi kwezinsuku ezingaka, izinsuku ezingamashumi amane," kwase kuthi-ke uNkulunkulu akangakwenza na?

97 Niyabo, nifanele nibhekisise, uNkulunkulu akashayi njalo uma Exwayisa. Kodwa U. . .Kunento eyodwa, khona-ke umprofethi uyabhinqwa. Kodwa uma engumprofethi oqinisekisiwe eneZwi leNkosi, niyabo, izibonakaliso zikaNkulunkulu, ziqinisekiswa, njengoba uNkulunkulu athi umprofethi uyoqinisekiswa (okungukuthi lawa indoda ayenjalo), niyabo, iZwi lakhe alisilo elakhe, kodwa ngelikaNkulunkulu, futhi liyofezeka. Lizofanele lifezeke uma LiyiZwi likaNkulunkulu. Yinye kuphela into engalimisa, lokho ngukuphenduka ngokushesha.

98 Qaphelani, uAmose, wa—waphila ukuba abone isiprofetho sakhe, kodwa ngenkathi uAmose ekhuluma ngalowomuzi, ukuthi kwakuzokwenzeka kanjani, ukuthi uNkulunkulu wayezowabangela kanjani amaSiriya ukuba angene futhi abengamele, nokunjalo kanjalo, nokuthi inkohlakalo yabo uqobo yayizobadla ibaqede kanjani. Ngani, ngikholwa ukuthi uma ikhona manje. . .ngibuka phansi lapha phezu komBhalo, futhi uma nginakho lokhu kubalwe kahle, kuthi akube lapha eminyakeni engamashumi amahlanu emva kokuba uAmose aprofetha. Futhi, manje, nicabangani na? Sonke isizukulwane sadlula ngaphambi kokuba isiprofetho sikaAmose sifezeke. Kodwa uma uzofunda ngapha, kuyakutshela, futhi kwenzeka nje ncamashi izwi ngezwi akusho. Niyabo?

99 UJohane wabona iNcwadi yeSambulo. Akuzange kwenzeke ngosuku lwakhe. Kodwa siyakubona kufezeka impela nje. Niyabo?

100 UDanyeli waprofetha ngosuku, ngosuku lwakhe futhi konke kwehle njalo. Akazange aphile ukuba alubone. Wathi, "Hamba, Danyeli. Vala incwadi ngci—incwadi, futhi—futhi vala incwadi. Futhi uyolala esabelweni sakho, kodwa ngalolosuku uyoma." Uyabo?

101 Manje, niyabo, i. . .awuthi njalo. . .Nkulunkulu. . .ashaye nje masinya lapho Eprofetha. Isiprofetho sikaAmose, njengoba ngishilo, saba yiminyaka engamashumi amahlanu kamuva, siyafezeka. Kodwa safezaka!

102 Bese kuthi-ke umprofethi uyi—uyi . . . weBhayibheli . . . Owangempela, umprofethi wangoqobo ungumuntu okhethekileyo. Hhayi "okhethekileyo," abe yinoma yikuphi ukwehluka kunoma yimuphi omunye umuntu, kodwa unomsebenzi okhethekileyo. Niyabo? Futhi, enokuthunywa okukhethekileyo, uzofanele abe ngokhethekileyo (othe ukuphuma kancane endleleni kwabanye) ukuze enze lokho.

Kufana nje njengoba uNkulunkulu efanise *abaprofethi* baKhe ukuthi ba "wukhozi."

103 Manje, ukhozi luyinyoni ekhethekileyo. Luyinyoni nje, kodwa luyinyoni ekhethekileyo. Futhi lungandizela phezulu ukwedlula noma yiziphi ezinye izinyoni. Lungabona kude kunoma yiziphi ezinye izinyoni. Futhi, manje, ukuze luye phezulu kakhulu, luzofanele lwakhiwe ukuze lundizele phezulu kakhulu. Futhi bekungalusiza ngani ukuba lwenyukele lapho ngaphandle uma lukwazi ukubona ebelikwenza emva kokwenyukela lapho na? Niyabo? Ngakho luzofanele lube yinyoni eyakhiwe ngokukhethekileyo. Niyabo? Luthi ukuba se—semndenini woklebe, lungu "mdabuli ngomlomo." Futhi ludla i . . . abaningi babo yimithuthambi. Kunezinhlobo cishe ezingamashumi amane ezehlukene zezinkozi.

104 Kodwa, niyabo, ebandleni lapho ngumelusi, nalowo melusi ungumuntu okhethekileyo. Wakhelwe lapho angakwazi khona—angakwazi khona ukumelana nokuqophisana kwabantu. U—u—ungumthwali wemithwalo, uyinkabi yesipani. U—uyindoda engahlala phansi uma i . . . omunye umuntu enento ethize emelene nomunye umuntu othize, futhi ahlale phansi naleyomindeni emibili (futhi angathathi hlangothi) futhi athethe indaba futhi ayibuyise ngqo ngobumnandi. Niyabo? U—ungumelusi, uyazi ukuthi zinakekelwa kanjani izinto.

105 Umvangeli uyindoda ekhethekileyo. Uyindoda evutha njengebhola lomlilo. Ugijimela emzini futhi ashumayele umlayezo wakhe, bese ephuma lapho kwenye indawo. Niyabo, uyindoda ekhethekileyo.

106 Ofundisayo uyindoda ekhethekileyo. Uhlala emuva phansi kogcobo lukaMoya futhi uyakwazi ukuthatha amaZwi futhi awahlanganise ndawonye ngoMoya oNgcwele, lowo, umelusi noma umvangeli, noma yimuphi oyedwa, angeqhathaniseke naye.

107 Bese kuthi-ke, siyathola, umphostoli uyindoda ekhethekileyo. Ungo—u "ngohlela ngokohlelo." Uyindoda ethunywe nguNkulunkulu ukuhlela izinto ngokohlelo.

108 Umprofethi uyindoda ekhethekileyo. Umprofethi uyindoda iZwi leNkosi eliza kuye, ngoba umprofethi uqanjwe kanjalo (impilo) ukuthi ukuzwa kancane kwakhe nokuzwa kwakhe kokuqala kusondelene kakhulu ndawonye ngangokuthi akayi ukuyolala ukuba aphuphe iphupho lakhe, ulibona

ngenkathi ebheke ngawo omabili. Niyabo? Manje, leyo yinto ethize uNkulunkulu adingeka ayenze. Niyabo, uyakubona okwenzekayo.

109 Umprofethi ubona ngaphambili kude le, niyabo, izinto ezayo. Ubona indebe yolaka lukaNkulunkulu, igcwele, ngaphambi kokuba igcwaliswe. Niyabo? Angathi, "ISHO KANJE INKOSI! UNkulunkulu uzowubhubhisa lomuzi ngaphandle uma niphenduka." Ngani na? Uwukhozi. Ugibela ayekude ngaleya. Niyabo? Futhi ubuka kude le lapho futhi ubona leyondebe yolaka ithululwa. Yilokho umprofethi akubukayo. Akabuki okwenzeka lapha, ubuka ngaleya! Uthi, "Luyeza!" Angaya phezulu kakhulu aze akwazi ukubona lelothunzi. Wathi, "Izwe liyoba mnyama—ubumnyama nobumnyama obuyisigayegaye." Uphezulu uphakeme ngokwenele, ilanga liyakhanya manje, kodwa ubona lelothunzi liza, futhi u—u—usho akubukayo. Akukabi lapha nokho, kodwa ngempela kuzoba lapha! Kunjalo. Kuzoba lapha, ubumnyama obuyisigayegaye phezu kwabantu. Uyazi ukuthi buyeza, kusasele iminyaka, nokho uyakubona.

110 UAmose, lowomprofethi kaNkulunkulu ogcotshiweyo, wabona u—ubumnyama nokwahlulelwa. Ubone amaSiriya ehla ngezinqola zawo zempi futhi eshanela edabula lapho, eceka labobantu ngokubabulala ebakhipha. Wakubona kuza nokwahlulela kukaNkulunkulu phezu kwabo, manje, iminyaka engamashumi amahlanu ngaphambi kokuba kwenzeke. Kodwa, niyabo, engumprofethi, waphakanyiselwa phezulu eMoyeni futhi wakubona kusekude le. Niyabo? Wabona indebe, igcwele, ngaphambi kokuba igcwaliswe.

111 NjengoAbrahama. UNkulunkulu watshela uAbrahama, "Inzalo yakho iyakungena kulelizwe futhi igogobale lapha iminyaka engamakhulu amane, bese kuthi-ke Ngiyakubakhipha ngesandla esinamandla, ngoba ububi bamaAmori abukagcwali." Niyabo? UNkulunkulu wayazi ukuthi leyondebe yayizogcwala. Wayekhuluma nomprofethi waKhe, Wamtshela manje, "Uyayibona leyondebe yamaAmori ezansi lapho," niyabo, "kodwa ububi bawo abukagcwaliswa okwamanje, Abrahama. Ungasho lutho ngakho manje, vimba, kodwa buyofika. Futhi uma indebe yawo isigcwalisiwe, naleyominyaka engamakhulu amane, Ngiyakuwaxosha njengezintethe phambi kwakho, futhi Ngiyakuqalisa inzalo yakho lapha kulelizwe." Amen! Lowo ngumprofethi weNkosi.

112 Manje, uma ekhuluma ngombono wakhe, noma ngabe wulaka noma ngabe ukuphilisa, kungahle kulibale, kodwa kuzofezeka uma ekukhuluma eGameni leNkosi. Niyabo? Kungahle kube isibusiso asikhulumela wena. Angahle akutshele into ethize, futhi ungeke wayibona nhlobo. Uthi, "Kungenzeka kanjani na? Ngani, yi . . . ngi—ngi—ngi . . . Wangitshela u, 'ISHO KANJE INKOSI, "*Lokhu* kuzokwenzaka, na*lokho*

kwakuzokwenzeka,"' futhi akwangenzeka. Indoda inephutha!" Manje uyokwehlulelwa ngokuLikholwa ngokungesikho, kodwa kuzokwenzeka noma kanjani! Niyabo? Kuzofanele kwenzeke!

113 "Nakuba kulibala," iBhayibheli lathi, "nokho kuyakukhuluma enkathini yakho yonyaka." Kuyakufezeka.

114 Umprofethi ubuka kuphela le futhi ebona into ethize. Ukhuluma ngalokho akubukayo. Akacabangi ngalapha nokuthi ubukeka kanjani manje, ubuka okuzoba yikho. Futhi uma ekhuluma lokho, uma kuseZwini leNkosi, sekuvele kukhulunyiwe futhi akukho lutho ezweni olungakumisa (niyabo, kunjalo,) kuphela nguNkulunkulu qobo lwaKhe.

115 Qaphelani, manje sithola ukuthi ngenkathi . . . U—ukhuluma umbono wakhe, umprofethi wenze njalo. Manje, ngezinye izikhathi ukhuluma izinto ezinhle, ukhuluma ngokuphiliswa kwakho. Kulungile, ungahle ucabange, "Ngeke nje kwenzeka, anginabungcono." Manje-ke kwenzani lokho na? Lokho nje kuletha izahlulelo zikaNkulunkulu phezu kwakho. Kunjalo. Niyabo? UJesu wethembisa ukukusindisa uma uyoLikholwa; uma ungaLikholwa, akuyi—akuyikwenzeka kuwe. Uzofanele uLemukele, uzofanele uLikholwe. Uyabo? Futhi uzofanele wazi ukuthi Livelaphi, lokho kunika ukukholwa kwakho kuNkulunkulu; noma, umprofethi wakho. Uyabo? Ufanele uLikholwe.

116 Futhi manje siyathola lapha, ukuthi lababaprofethi abakhuluma, ba—bakhuluma nabakusho kuyafezeka. Futhi uma ulaka lukaNkulunkulu luthululwa phezu kwabantu, kunento eyodwa kuphela . . . Uma lowomprofethi esho leyonto ethize enye ukuthi yayizokwenzeka, kunento eyodwa kuphela eyovimba isandla sikaNkulunkulu, lokho ukuphenduka. Lokho ukuphendukela ngakuNkulunkulu, lokho okuvimba ulaka lwaKhe. Manje, ungakulindi, kwenze ngaleyonkathi! UNkulunkulu usho noma yini, kwenze ngayo leyonkathi.

117 UHezekiya, wathi nje angazi . . . Wayeyindoda elungile, kodwa uNkulunkulu wathi, "Isikhathi sakho sesifikile, Hezekiya, futhi Ngi—Ngifanele ngikuthathe. Ngi—Ngiyafuna, Ngizokwenyusa. Yalela indlu yakho yonke."

118 Futhi wa—wa—wathi, "Kuzongithatha iminyaka eyishumi nanhlanu ukwenza lokho, Nkosi." Niyabo? "Manje, nguWe . . . ngi—ngi—ngiyazi ngiyahamba, kodwa kuzongithatha iminyaka eyishumi nanhlanu ukuyalela indlu yami. Angeke ngikwazi ukukwenza khona manje. A—anginaso isikhathi sokukwenza. Ngi—ngi—ngingeke nje ngakwazi ukukwenza. Nkosi, angihlale eminye iminyaka eyishumi nanhlanu ukuze ngikwazi ukwenza lento. Angikwazi ukubeka indlu yami . . . "

Niyabo, ukuthuma kukaNkulunkulu kwakungukuthi, "Yalela indlu yakho!"

119 NoHezekiya wathi, "Angeke ngikwazi ukukwenza kulonyaka, kuzongithatha isikhathi. Ngizobuyisela *lokhu*, futhi ngilungise *lokhu* futhi ngikuyise ngale kulomfo lapha, kuzongithatha iminyaka eyishumi nanhlanu ukukwenza. Ngiphilise nje ukuba ngikwenze. Angi . . . angi . . . nginike isikhashana ukuba ngikwenze." Niyabo?

120 Khona-ke uNkulunkulu wathi, "Ngizo—Ngizo—Ngizo—Ngizoba nobubele." Kodwa wayedingeke afe, noma kanjani, niyabo.

121 Bese kuthi-ke futhi, wathatha isikhathi sakhe, wahlubuka ngalesosikhathi. Niyabo? Futhi wayeyo wayeyobangcono ukuba wayehambe ngaphandle kokuba iyalelwe. Kunjalo. Kodwa Umnika kweluleke ngeminyaka eyishumi nanhlanu ukuba ayalele indlu yakhe. Ngoba, ngokushesha, wenzani na? Wathi, "Nkosi, ngingowenza kancane. Ngidinga iminyaka eyishumi nanhlanu ukwenza lokhu. Ungithumile ukuba ngiyalele indlu yami. Angeke ngakwenza ngeminyaka eyishumi nanhlanu ngoba nginesikweletu lapha, futhi ngina*lokhu* ngapha, futhi ngina*lokhu* ngapha ukuba ngenze."

122 Manje, wayeyindoda emesabayo uNkulunkulu, neZwi likaNkulunkulu lizofanele lenzeke noma kanjani. Lizofezeka noma kanjani, kodwa WaLivimba nje okwesikhashanyana, niyabo, waLigodla kuye. Khona-ke wenze isono ngalesosikhathi. Wathi, "Angeke ngikufikise kuye, kodwa Ngiyakukuhambela phezu kwabantwana bakhe emva kwakhe." Niyayazi indaba.

123 Manje, sithola ukuthi ukuphenduka ngokushesha ngezinye izikhathi kubamba ulaka lusuke okwesikhashana.

124 Manje, sithola ukuthi iNineve . . . UNkulunkulu wathi, "Yehlela lapho futhi umemezele kulowomuzi manje, futhi ubatshele, 'Uma . . . phakathi kwezinsuku ezingamashumi amane into izokuwa.'" Futhi, he, bake baphenduka na! Bathi nje bangabona lowomprofethi eza ngomgwaqo, ethi, "ISHO KANJE INKOSI, 'Indawo izowa phakathi kwezinsuku ezingamashumi amane! Indawo izokuwa!'" I . . .

125 Ngisho nenkosi yayala u—u—ukuzila ukudla kulolonke izwe, kulilwa, "Yembathani ingubo yesaka, fakani imilotha! Hhayi phezu kwekhanda lenu uqobo naphezu komzimba wenu naphezu kwenyama yenu, kodwa phezu kwezinkomo zenu, phezu kwezilwane zenu zasendle, fakani imilotha nengubo yesaka." Ukuphenduka okunje pho!

126 Manje, nxa sithola lapho, siyaqaphela, uma umprofethi engabhekisisi ngokushesha ngempela, niyabo, ahlanganise ukuhlakanipha kwakhe kokubona futhi aye kuNkulunkulu, uyothola into ethize khona lapho, uma ungabhekisisi . . .

127 Manje bukani uIsaya, wavele wakhuluma nje isiprofetho sakhe, wabuyela emuva endlwaneni yakhe encane yasehlane. Futhi, ngenkathi enza, iNkosi ayizange iyiphendule inkosi

eyayikhuleka. Inendlela yokwenza izinto. Kwakukhona umprofethi ezweni. IZwi leNkosi liza kumprofethi waYo. Yaphumela lapho yayisethi, "Isaya, buyela emuva futhi uyitshele ukuthi Ngiwuzwile umkhuleko wayo. Ngiqondile ukuthi ku . . . ukuthi icabanga ukuthi kuzoyithatha iminyaka eyishumi nanhlanu ukwenza lokhu. Ngizibonile izinyembezi zayo ngoba ibifuna ukwenza umsebezini kabi kabi. Kuzoyithatha iminyaka eyishumi nanhlanu, yasho, ukukwenza. Hamba uyitshele ukuthi Ngizoyivumela ibenayo, ke." Niyabo?

128 Ngani? Yathuma—Yathuma uIsaya ukuba ahambe ayoyitshela, "ISHO KANJE INKOSI!" Khona-ke uma kunanoma yiluphi ushintsho kulokho, noma ukulibala . . . Kuzokwenzeka noma kanjani; ya—yafa nje ngokufanayo. Kodwa yathi . . . Uma kukhona noma yini kulokho, khona-ke Ibophezelekile ukuba ibuyele endodeni Eyathumela u ISHO KANJE INKOSI kuyo. Yatshela uIsaya, "Buyela emuva phandle lapho futhi uyitshele."

129 Manje, uJona wathatha isimo sokuziphatha esehlukile, wenyukela esiqongweni segquma futhi wathi, "Awu, bekuyoba kuhle ukuba angizange ngizalwe." Futhi, o, ukuthi waqhubeka kanjani! NoNkulunkulu wayenomhlakuva omcane ukuba umile futhi umenzele umthunzi aze aphole phezulu lapho. Kodwa wathi, "Manje, lapha, ngehlela lapho, futhi bazothi ngingumprofethi wamanga."

130 Futhi uNkulunkulu wakhuluma kuye, wathi, "Buka lowomuzi ezansi lapho! Buka lapho, Jona, ukuthi wonke umuzi uyaphenduka ngengubo yesaka nemilotha."

131 Futhi khona-ke Wamtshela ngomhlakuva omncane nempehlwa eyawunquma yawuwisa. Ngeliny'ilanga, iNkosi ithanda, ngifuna ukuza eTabernakele futhi ngithathe uhlu ngoJona nje. O, ziningi kakhulu ezinkulu . . . lowomoya wasempumalanga uvunguza, nakho konke. O, he! Ziningi kakhulu izinto phakathi lapho, nje ku . . . kuyaxhuxhumisa. Lezozigaqa eziyigugu phakathi lapho, konke kufanekisa ngqo phakathi kuyafitha. Kuletha ngisho uJesu Kristu phakathi kukho, nayoyonke enye into. Kusobala, wonke umugqa eBhayibhelini uletha uJesu Kristu. Yebo, mnumzane. Leso yisifundo sethu sangeSonto, ngakho sizokuthola lokho, iNkosi ithanda.

132 Futhi qaphelani, kunezinto o . . . Uma uqotho futhi utshele uNkulunkulu . . . Manje, uzofanele ubhekisise.

133 Manje ngifuna ukunikhombisa omunye uJona emsamo kulobubusuku.

134 Ngobunye ubusuku kwakukhona abantu abeza lapha. Inenekazi lingahle libe (abanye babantu bakubo) lapha kulobubusuku, ngakho angizukulibiza igama, mhlambe nizokwazi ukuthi ngubani. Kodwa beza lapha, esikahle

isigejane sabantu esivela ezansi eKentucky, futhi be—beza lapha iminyaka. Kodwa abantu, bengabantu abakahle, abangani bami abahle. He, babe—babengabangani bami ngempela, kodwa ba . . . Nje olunye lwalezo uhlobo lwabantu ukuthi ngenkathi imvuselelo yayiqhubeka babeza enkonzweni; uma imvuselelo ingasekho, nomthwalo wawudonsa, akukho muntu owayedonsa. Futhi bonke abantwana wayelapha emagameni abancinyane, babene . . . ngenkathi sinamaklasi ethu nezinto.

135 Futhi ngoluny'usuku ngifika ekhaya, cishe iminyaka emine eyedlula, noma emihlanu, into efana naleyo. Futhi lelitshitshi, (elalithi alibe neminyaka eyisishiyagalombili ubudala ngenkathi lisesemagameni abancinyane), lase lishadile futhi selinabantwana ababili. Futhi lalilele phandle esibhedlela phandle lapha, selisekufeni. Lalinezinyanga ezithi azibe zine, ezinhlanu, linengane; nengane yayifile, futhi abakwazanga ukuhlinza ngoba lalinesifo sokudungeka kwegazi umchamo ohluleka ukuphuma ngendlela yawo. Futhi abakwazanga ukuhlinza, ngakho babezomyeka umama afe, naye. Abanakuhlinza, futhi, niyabo, ingane yayizombulala kanjalo, ngakho babene . . . wayefa nje, yilokho kuphela, kwakungekho thuba lakhe.

136 Ngaphuma ukuyombona, wayengithumelele. Futhi ngaya kongena esibhedlela, futhi nango wayelapho phansi kwethende lomoyampilo. Ngaphakamisa ichopho elincane, ngakhuluma naye kancanyana, ngase ngithi, "Uyangikhumbula mina?"

Wathi, "Impela, Mfowethu Bill, ngiyakukhumbula."

137 Ngathi, "Injani i . . . Uyaqonda ukuthi ugula kanjani na?"

Wathi, "Ngiyaqonda." Wathi, "Yingakho ngithumelele wena."

Ngathi, "Awu, ngani, kukanjani ngawe neNkosi na?"

Wathi, "Mfowethu Bill, ngi—ngine . . . A—angikulungele ukumuka."

138 Awu, lapho saguqa phansi sase sikhuleka, nonina nomyeni wakhe, abaningi babo egumbini, nonina nomyeni baqala ukukhala. Futhi—futhi manje-ke nga—ngambuza, futhi walungisana noNkulunkulu (wakhokha izifungo zakhe futhi uyabuya wayesenzela uNkulunkulu isithembiso; futhi uma engathethelelwa; ukuthi wayeMthanda kanjani; futhi ezisola ngezono zakhe, indlela ayephile ngayo), futhi waqhubeka nokuphenduka kwakhe futhi ekhala. Futhi emva kwesikhashana ngasukuma ngase ngiphuma endlini.

139 Futhi ngo—ngokusa okulandelayo bangibizela enhla, ukuba ngibuyele phandle lapho. Futhi, ngithola ukuthi, bangena ngalokho kusa ukuzohlola nokubona ukuthi i—isimo sesifo sokudungeka kwegazi wumchamo ohluleka ukuphuma ngendlela yawo sase siqhubeke kangakanani, futhi bathola

ukuthi wayengasenachashaza laso. Sasesingasekho sonke, konke nokuncu kophoyizeni wesifo sokudungeka kwegazi wumchamo ohluleka ukuphuma ngendlela yawo wawususukile kuye. Odokotela bethuka kakhulu baze bathi, "He! Ngani, lokhu, besifanele . . . Kuyinto exake ngempela." Bathi, "Sizo—sizomlungiselela," futhi bathi "uma kusalokhu kungaleyondlela ngasekuseni . . . " Bathi, "Sizolokhu simnika umjovo iphenisilini uzifo zonke," kumbe noma yini ababemnika yona, belokhu behlisa izifo ezithelelanwayo. Bathi, "Sizohlinza futhi—futhi sithathe ingane efile ngaphambi kokuba ihlale kwenye into ethize." Wathi, "Uma ekahle, khona-ke . . .

140 Awu, kabili noma kathathu ngalolosuku bamhlola futhi. Futhi ngalobo busuku, sekuhambe isikhathi, bamhlola, akukho okungalungile, wayekahle ngokuphelele. Futhi bamlungiselela. Bamkhipha phansi kwethende lomoyampilo. Yonk'into yayikahle. Babezomhlinza ngokusa okulandelayo, bathathe ingane.

141 Awu, ngaphumela lapho. Futhi ngenxa yokuthi lokhu kwenziwa . . . Manje, angizange ngikwazi, angizange ngazi. INkosi ayizange ingitshele lutho ngakho. Ungabuza abantu, uma ufisa. Ngakho ba . . . u . . . Akazange asho ukuthi kuyoba njani. Kodwa, o, he, ukubona into e—enje! Umyeni wakhe, eyisoni, uza neno wayesethi, "Mfowethu Branham, ngi—ngifuna ukunikela impilo yami eNkosini uJesu."

142 Ngase ngithi, "Kulungile, guqa phansi nje lapha bese ubamba isandla somkakho, bese kuthi-ke nihambe lempilo eqondile ndawonye."

143 Umama uyabuya, wathi, "Mfowethu Branham, uyazi, nangu mina nabantwana bami," wathi, "sonke kade singena siphuma, futhi singena siphuma, nangaseTabernakele, nezinto. Sihlalile futhi sakulalela ushumayela, futhi sizonyukela ealtare bese sibuya." Wathi, "Ngihlubukile, nami, Mfowethu Branham." Wathi, "Ngifuna ukubuyela eNkosini uJesu, ngobubele baKhe kumntanami." Awu, niyabo, lokho—lokho kuhle kakhulu, kodwa awuzi eNkosini uJesu ngenxa yalokho.

144 Sekuyela maphakathi nobusuku, ngeleshumi nambili, ngelokuqala nqo, unina wazunywa ubuthongo. Wayesethi, wambiza, wathi, "Mama."

Wayesethi, "Yebo, s'thandwa, ufunani?"

Wathi, "Uyazi, ngijabula kakhulu!"

Wathi, "Ngijabula kakhulu ngawe ujabule."

Wathi, "Ngihlalisene ngokuthula noNkulunkulu." Wayesethi, "O, kuhle kanjani!"

Emizuzwini embalwa, wabuye wabiza futhi, wathi, "Mama."

Wathi, "Yebo?"

Wathi, "Ngiya ekhaya."

145 Wayesethi, "Ngiyazi uyaya." Wathi, "Yebo, s'thandwa senhliziyo," wathi, "udokotela uzothatha ingane kusasa. Bese kuthi-ke cishe usuku noma ezimbili, uma imisiko yakho isipholile futhi ususuka lapha, ubuyele ekhaya uphinde ujabule futhi, wena nomyeni wakho nabantwana abancane, futhi ube ngumKristu futhi uphilele uNkulunkulu."

Wathi, "Mama, ngiqonde ukuthi ngiya eKhaya lami laseZulwini."

Wathi, "Impela, s'thandwa, ekupheleni kohambo."

Wathi, "Lokhu ngukuphela kohambo."

"O," wathi, "manje, yin'indaba na?"

146 Wathi, "Ukuphela kohambo." Ngakho wathi, "Yebo, mama, phakathi kwemizuzu embalwa ngizobe ngingasekho."

147 Awu, wacabanga ukuthi nje wayenokwethuka futhi ehhema. Wabiza unesi, unesi wamphefumulisa. Yonke into yayihamba ngokwejwayelekile. Futhi phakathi kwemizuzu emihlanu wayengasekho, wayesefile.

148 Kwase kuthi-ke ngenkathi ngibuyela ekhaya, evikini noma amabili emva kwalokho . . . Ngicabanga ukuthi uMfowethu Graham washumayela umngcwabo wentombazane. Sengibuya ekhaya uMeda wangitshela ukuthi leyontombazane yafa ngalobo busuku, he, angikwazanga . . .

Nga—ngaya kobona umama. "Ya."

149 Futhi a—a—angazi ukuthi yini eyangibangela ukuba ngikwenze, kodwa ngathi, "Nkosi Nkulunkulu, U—Ungikweleta ukuqonda," (Niyabo?) "emva kokuba mina ngiphumela lapho futhi—futhi ngitshela lowomyeni, naye eza eNkosini emva kokuba Usumenzele lezizinto, nakho konke kanjalo, bese kuthi-ke uthathe lokho kuphila kwentombazane kanjalo." Ngathi, "Ungikweleta ukuqonda."

150 Uma utshela uNkulunkulu into enjengaleyo, Uyokushiya uhlezi wedwa. Angi . . . Akangikweleti lutho. Ngisezikweletini kuYe. Awu, Wavele nje wangiyeka ngikuphukulele umlomo izinsuku ezimbalwa, niyazi. Futhi, emva cishe kwezinyanga ezintathu noma ezine, ngoluny'usuku ngangiphandle ogwini lomfudlana neNkosi yakhuluma kimi ngombono, yayisithi, "Manje yana kunina, bese usho lokhu kunina, 'Asifikanga yini isikhathi sayo unyaka ngaphambi kwalokho, ngenkathi yayiminza emfudlaneni, epikinikini na? Yayifanele imuke ngalesosikhathi, kodwa Ngadingeka ngiyithathe ngenkathi yayisilungele ukumuka.' Futhi yingakho konke lokhu kwenzeka nokuthi kungani waphumela lapho."

151 Ngase-ke ngiguqa futhi ngakhala. Ngathi, "Nkosi Jesu, ngithethelele, inceku yaKho eyisithutha empofu. Bengingafanele neze ngikusho lokho, Nkosi."

152 Futhi ngangibuyele emuva ezansi kwinenekazi, lalakhe ngapha eMgwaqeni uMakethe, ngase ngiwelela kulo, ngase ngithi, "Ngifuna ukukubuza umbuzo."

Lathi, "Impela, Mfowethu Bill."

Ngase ngithi, "Kuyiqiniso ukuthi lentombazane yacishe impela yaminza na?"

153 Lathi, "Kunjalo, Mfowethu Branham." Lathi, "Umyeni wayo futhi ba—badingeka bayikhiphe emfudlaneni." Lase lithi, "Badingeka basebenzise ukuphefumulisa kokwenziwa, futhi bafake umfutho, futhi badingeka bathole umshini futhi baphampe amanzi aphume kuyo." Lathi, "Yayifake isiketi sayo. Babenepikiniki. Yayiphandle lapho yase ingena esihlabathini esithize, sashushuluza phezu kwekhanda layo yase iklikliza emanzini. Abayiqaphelanga. Futhi khona manjalo bayibona ishona ikhuphuka, base begijima bengena base beyithola base beyikhipha." Futhi lathi, "Yacishe yafa impela." Lathi, "I . . . "

Ngathi, "Leso kwakuyisikhathi sayo ukuba imuke."

154 Niyabo, uNkulunkulu uyazi ukuthi Wenzani. Manje, iNkosi mhlawumbe yayiyongitshela lokho ukuba angisithathanga isimo sokuziphatha engasenza, "Nkosi, Uyangikweleta, ukuba ungitshele ngalokho." Ayikukweleti lutho!

155 Ngama emhlanganweni ngobunye ubusuku futhi ngezwa umvangeli ekhulekela umuntu ogulayo!" wathi, "Nkulunkulu, ngiyaKuyala ukuba uphilise lomuntu!" Ubani oyala uNkulunkulu na? Niyabo? A—a—aku—akusibo ngisho ubuhlakani, niyabo, ngenxa yokuthi u—uNkulunkulu, We—Wenza Afuna ukukwenza.

156 Lunga—lungasho yini ubumba kumbumbi, "Wangenzelani kanje na?" Niyabo? Impela qha! Kodwa uma umprofethi eyohlala ethule bese kuthi-ke afune iNkosi ukuba iphendule, nanso impendulo lapho. Niyabo?

157 Njengakulomuntu nje wayebuza ngo—ngo—ngombuzo wenzalo yenyoka, niyabo. Nje—nje bhekisisani, futhi ninga—ningabi se—ningabi sekujaheni okukhulu. Futhi manje-ke, manje, uNkulunkulu njalo uyayifezekisa yonke into ukuba isibenzelane ibe ngokuhle kulabo abathanda iNkosi.

158 Manje, ukuba—ukuba iNineve yayingaphendukanga, khona-ke izahlulelo zikaNkulunkulu zaziyoba phezu kwabo. Manje khumbulani, umprofethi ufanele alalele. Kwakuyisixwayiso.

159 Manje, into efanayo kulesisizwe. Manje-ke wena uthi, "Mfowethu Branham, ngeSonto eledlule wathi 'Kwakungekho-themba'?" Yebo! "Ngani?" Kwedelele ubizo lwakho. Kufanele kulemukele. Kuzolemukela. Kuzofika isikhathi lapho lesisizwe sizoba yizicucu. Ngasibona ngo 1933. Niyabo, ngabuka kude.

Wena uthe, ungahle ukuba uthe, "Awu, akwenzekanga ngaleyonkathi."

160 Kodwa kuzokwenzeka! Kanjalo noMussolini wayengekho ekubuseni, kanjalo noLayini uMaginot kawakhiwanga, kanjalo nemoto ayibukekanga ifana neqanda ngalezozinsuku, nezinto, kanjalo nabesifazane abakhethanga uMengameli owayezobukeka efana no—nomfana wasekholiji, nazo zonke lezi ezinye izinto, kanjalo kwakungezukuba noMongameli oyiKatolika, kanjalonjalo, okwakhulunywa ngaye. Cishe iminyaka engamashumi amathathu eyadlula, noma ngaphezulu, lezizinto zabikezelwa, kodwa Wangikhombisa kuphela kusukela phansi le kuya ekupheleni.

161 Futhi lapho leyonto isondela, isikhathi ngesikhathi, leyondebe igcwala phama! Nokuphenduka kushunyayelwe nguBilly Graham, uOral Roberts, nobani omunye. Abaprofethi, kanjalonjalo, unqamule esizweni ngezibonakaliso nezimanga, futhi ngokuqhubeka sigxambuza esonweni. Yingalesosizathu bengaphenduki, ukuphenduka kuyakuletha.

162 Qaphelani, uAhabi akazange aphenduke ekusoleni kukaElija. Ukuba uAhabi wayephendukile futhi wahamba ngokuthula phambi kukaNkulunkulu, into yayingeke neze yenzeke. Kodwa uAhabi wehlela lapho futhi esesithathile isivini sikaNaboti futhi wambulalisa, nazo zonke lezizinto ezimbi. NoJezebele...Lowomprofethi waphumela lapho no ISHO KANJE INKOSI! Kodwa benzani na? Wesabisa kuphela ngokumbulala. Kwenzekani na? Isiprofetho sakhe sagcwaliseka, izinja ziyamudla futhi zaxhapha igazi lika Ahabi. Njengokwezwi lakhe impela nje! Wayibona indebe, igcwele.

163 Yingalesosizathu lowoMikaya omncane, esho lento efanayo, wayengakubusisa kanjani uNkulunkulu ayekuqalekisile na? Niyabo, izwi lakhe—lakhe, isiprofetho sakhe, sasisekuzwaneni neZwi.

164 UHerodi, akazange aphenduke ngenkathi uJohane ethi, "Akuvunyiwe ukuba wena ube nalowo, umkamfowenu!" Akazange aphenduke. Kodwa wenzani na? Umkakhe wafuna ikhanda lomprofethi. Bukani amanyala angena kuwo. Bukani ukuthi kwenzekani kuye. Bukani, ngisho nanamhlanje, eSwitzerland, a—amanzi al'hlaza sibhakabhaka okuMenqaba asalokhu ebila njengesi—sikhumbuzo. Niyabo, impela, akaphendukanga ngenkathi esolwa yiNkosi. UJohane wamtshela, akunandaba ukuthi wayeyini (onamandla ommeli, kumbe noma ngabe wayeyini; noma umbusi omkhulu, kumbe noma ngabe wayengaba yini), ufanele aphenduke uma uNkulunkulu ebiza, kungenjalo ulaka luphezu kwakhe!

165 Kukangaki kubaprofethi...Nginakho kubhalwe phansi lapha, kodwa asizukuba naso isikhathi ngoba nginemizuzu ethi ayibe yinde ngeyishumi.

166 Uma kungekho-kuphenduka, khona-ke ukwahlulela kuzofika impela! UHezekiya waphenduka. Niyabo? INineve yaphenduka.

167 UAhabi akaphenduki neze. UNebukadinezari akaphenduki neze. Abantu ngezikhathi zikaNowa abaphenduki neze, nokwahlulela kwashanela kwangena ngqo. Niyabo? Manje, kodwa kuqala Wexwayisa wonk'umuntu. Wonk'umuntu uthola isixwayiso.

168 Manje, njengalokhu isikhathi sesiseduze, makuthi wonke umuntu ozwayo ukuthi kunesixwayiso, aphenduke ngokushesha ngaphambi kokuba ulaka lukaNkulunkulu lushaye.

169 Manje asikwehlisele eTabernakele likaBranham. Niyabo, sizibonile lezizinto futhi sizazi ziyiQiniso. Siyazi ukuthi KuyiQiniso uqobo. Ukuthuma kweZwi kungukuthi, "Uma niyophenduka futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesabantwana benu nesabo okude." Niyabo?

170 Manje, indoda, uMnu. Dauch, wangibuza lapha kungekudala, wathi, "Mfowethu Branham, sengigugile. Sengibuthakathaka, amashumi ayisishiyagalolunye-nanye." Wathi, "U—ucabanga ukuthi sengi—sengikulungele ukufa na? Ucabanga ukuthi sengikulungele ukumuka na? Ucabanga ukuthi ngisindisiwe na?"

171 Ngathi, "Mnu. Dauch, sewake waya ku—kudokotela ukuyohlolwa umzimba na?"

Wathi, "Yebo."

172 "Futhi umtshele . . . Manje, okwenziwa ngudokotela, unencwadi ebekwe lapho, futhi uthatha lencwadi bese ethola. 'Manje, into yokuqala engifanele ngiyenze kuleyondoda, ngihlole inhliziyo yayo.' Ngakho uthatha isipopolo bese ezifaka endlebeni yakhe, ahlole inhliziyo yayo." Ngase ngithi, "Bese-ke, into elandelayo ayithathayo, uthola umfutho wegazi layo, no—nomfutho engalweni yayo. Bese kuthi-ke into elandelayo ayenzayo, uthatha okokubonisa umchamo, nanoma yini okunye, negazi alikhiphe kuyo, nazo zonke lezizinto ezehlukene. Wedlula kukho konke okwakho, futhi uma engenakuthola lutho . . . Uthatha iX-reyi. Uma engenakuthola lutho, uyothi, 'Mnu. Dauch, u—uphila kahle ngokomzimba.'

173 "Ukusekela phezu kwani lokho na? Ezimweni eziphuma encwadini yakhe yezokwelapha, ukuthi uma kukhona noma yini engalungile ngokukasosayense oyinhloko iyokhombisa phezulu lapha, iyokwenza *lokhu* lapha, iyokwenza *lokho* lapho. Ngakho-ke, mayelana nokwazi kwakhe noma yini ngakho, ukahle, uyabo, ngokomzimba.

174 "Manje," ngathi, "kuloludaba, khona ngi—ngikunika ukuhlolwa komphefumulo. Uyabo? Futhi uNkulunkulu, ngokomphefumulo, kuphela uneThuluzi elilodwa, lokho kunjalo, lelo yiZwi laKhe. Lelo yiZwi laKhe. NoJesu wathi, kuJohane oNgcwele 5:24, 'Ozwa iZwi laMi.' Manje, lowo *zwa* akasho khona nje ukulalela umsindo. Lowo *zwa* usho 'ukuLemukela.' 'Ongemukela iZwi laMi,' amen, 'oLizwayo!' (Ungami uthule, uLibize ngombhedo, 'Lezozinto, akukho lutho kuLo. Angilikholwa Lelo.') 'Ozwa iZwi laMi!' Ehhe. Lelo yiZwi likaJesu, okungukuthi, UyiZwi. Nakho lapho okhona. 'Uma ungezwa iZwi laMi.' Wathi, 'futhi akholwe NgoNgithumileyo, wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni; futhi akasayikuya ngisho nasekwaHlulelweni, kodwa usevele wedlulile kukho.' Amen!" Ngathi, "Ishaya kanjani inhliziyo yakho manje na?"

Wathi, "NgiyaLikholwa. NgiLizwile. NgiLemukele."

175 Ngathi, "Manje-ke ngokukaDokotela oyiNhloko osigogodele isifo, uMhlinzi oMkhulu, uDokotela oMkhulu wokuPhila okuPhakade uthi, 'Wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni futhi awusoze waya ekulahlweni.'"

176 Wathi, "Ngenkathi ngikuzwa ushumayela ngeGama likaJesu Kristu ngombhaphathizo wamanzi, ngahamba ngangena ngqo emva kwakho wase ungibhaphathiza." Wathi, "Ngi . . . Indoda engake ngaba yiyo, angisesiyo leyondoda. Ikhona Into ethize eyenzeke kimi. Ngangivame ukungazikhathazi ngalutho ngaLo futhi ngaqhubeka ngenye indlela, kodwa sengijikile futhi ngaqala ukubuyela emuva ngalendlela. Nenhliziyo yami ivutha imini nobusuku ukuba ngisondele kakhulu kuYe. Lonke iZwi laLo, ngiyakholwa! Ngithi, 'Amen!' kulolonke nelincu laLo. Angikhathali ukuthi Lingisika kanjani, ngifuna lingenele ngqo ngenyukele kuLo. Futhi lingenele ngokwazi kwami."

177 Ngathi, "Kubukeka kimi sengathi inhliziyo yakho ishaya kahle impela. Ngi—ngikholwa ukuthi usuyakwazi ngokomoya manje."

178 Wathi, "Ngiyamangala nje ukuthi kuyobakhona yini lapho sekufika uHlwitho, ngingangena kulo, Mfowethu Branham na?"

Ngathi, "Akusimi ukuba ngithi ubani ongenayo noma ubani ongangeni."

179 Wathi, "Awu, ngithanda ukuba ngiphile, ngifuna—ngifuna ukubona uHlwitho kabi kabi."

180 Ngathi, "Kulungile, ake ngibone ukuthi i—iNcwadi yeSayense ithini lapha, kukho, nesayense yomphefumulo lapha." Ngathi, "Awu, Isho lokhu, kwabaseThesalonika besiBili, isahluko 5, Yathi, 'Thina esisekhona sisasele kuze kube sekuFikeni kweNkosi asiyikubandulela' (lokho kusho 'ukuvimbela') 'labo abaphumule, abaleleyo. Ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyakukhala, nalabo abalele noma abaphumule bayakuvuka kuqala, bembathe ukungafi. Khona-ke thina

esisekhona ngalolosuku, ngalesosikhathi emva kokuba sebevukile, niyabo, khona-ke siyakuguqulwa ngesikhashanyana ukuphazima kweso, futhi sihlangabezane nabo; bese kuthi-ke senyuke ukuba sihlangabeze iNkosi emoyeni, sihlwithwe kanye nabo.' Noma ngabe uyalala, noma ngabe awulali, noma ngabe uyakwenza kumbe noma awukwenzi; noma ngabe umbelwe kuphi, uma ngisho ungambelwe nhlobo, uyeza noma kanjani! Akukho okungakubamba. Uyoba lapho!" Ngathi, "Mfowethu Dauch, uma uJesu engafiki kuze kube ngabazukulu babazukulu babazukulu babazukulwane babazukulwane bami, uyobe ulokhu ulapho ngaso isikhashanyana ngqo impela nje, futhi uyoba lapho ngaphambi kokuba ngisho baze baguqulwe, uma bemuka." Kunjalo. Amen!

181 Kunesibusiso esizayo ngokufanayo nje njengoba kukhona ulaka oluzayo. O, sizodingeka sibe sibheke okukodwa kwakho kulobubusuku. Uzodingeka ube phakathi kokuthi ubheke ulaka ukuba luwele phezu kwakho nangembubhiso, noma kumbe uzodingeka ubheke ukuvuka kweNkosi uJesu. UNkulunkulu ofanayo owethembisa okukodwa, prom- . . . Ngijabula kakhulu!

> Ngibheke ukufika kwalolosuku lokujabula
> lwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane,
> Lapho iNkosi yethu ebusisiweyo iyofika khona
> futhi ihlwithe uMlobokazi waYo olindile;
> O! inhliziyo yami ilangazelela futhi ibubulela
> lolosuku lokukhululwa okumnandi,
> Lapho uJesu wethu eyobuyela khona
> emhlabeni futhi.
>
> Khona-ke isono nosizi, ubuhlungu nokufa
> kwalelizwe elimnyama kuyokhawuka,
> Kulokho kubusa okuhle kakhulu noJesu
> kweminyaka eyinkulungwane yokuthula;
> (O, he! "Futhi siyakuba neNkosi kuze kube
> phakade." Niyabo?)

182 Okwashiwo nguNkulunkulu, kuzofanele kufezeke. "Bayakwakha izindlu, bayakuhlala kuzo. Bayakutshala izivini futhi bayakudla isithelo sazo. Abayikutshala bese omunye asidle ifa. Bayakutshala izivini zabo uqobo bese behlala naso." Amen! Amen! "Abayikulimaza noma babhubhise kuzo zonke iziNtaba zaMi ezingcwele." Heleluya!

183 Uma lokhu okufayo sekuthatha ukungafi, lokhu—lokhu ukufa kugingwa ngukunqoba, khona-ke siyakuMbona njengalokhu Enjalo futhi sibe nomzimba onjengoMzimba waKhe uQobo okhazimulisiweyo. O, isikhathi esinje pho esizayo!

184 UNkulunkulu ofanayo nabaprofethi abafanayo ababikezela iZwi likaNkulunkulu, noma ulaka oluzothululwa, luthululwe, futhi basho ngalezizibusiso ezizayo. Ngijabula kakhulu!

UNkulunkulu akasiniki neze i—isizwe i—imbubhiso engasixwayisanga. Akamniki neze umuntu imbubhiso engakuxwayisanga. Futhi manje uma Ekwenza lokho, sinento ethize eyenzeke kithi, ukuqinisekiswa kwezibonakaliso zezinsuku zokugcina nathi, uMoya oNgcwele omkhulu uhamba phakathi kwethu futhi ushaja ibandla ngoBukhona baKhe, uqinisekisa iZwi laKhe. Khona-ke iBandla lilungiselela ukukhwela ezibhakabhakeni ngolunye lwalezizinsuku, ngamandla kaNkulunkulu. Ngoba yisixwayiso sokulahla konke okusindayo nesono esithandela kalula kangaka kithi, ukuze sindize ngokubekezela kulokhu ukuncintisana esikumiselweyo, siye kuMqalisi noMphelelisi wokuKholwa kwethu.

185 UNkulunkulu anibusise, bandla! Bambelelani esandleni sikaNkunkulu esingaguqukiyo! Yebo, mnumzane. Uma ubuzwa uBukhona baKhe, yana kuYe. Uma kukhona noma yini engalungile enhliziyweni yakho, ilungise. Asinaso isikhathi esiningi esisele, ukuFika kweNkosi sekuseduze. NiyaMkholwa na? O, he! Lokho akuyikumangalisa lapho na? Isikhathi esinje pho, uma sengibona amaqhawe amadala emuva ngaleya ehamba ehla edabula kuleloParadisi! O, he! Ngibheke lelohora.

186 Ngiyakhumbula ngizwa umfowethu esho, ngenkathi ebuya phesheya kwezilwandle, ezinkundleni zempi ezindala nezinto, wathi, "Lawomaqhawe amadala, ngenkathi engena ekubonweni kwalesoSithombe seNkululeko, base begingqela lezozinkubela phezulu lapho ukuze zikwazi ukubona iSithombe seNkululeko." Ubona leso kuqala, emkhunjini, uma wenyuka, ngoba siphakeme kakhulu. "Futhi ubone leyongalo isukumile lapho," wathi, "lawo indoda avele aqhimuke futhi akhale. Futhi nje lawo indoda amakhulukazi ame lapho, avele nje awele ngqo ngale endaweni eyisicaba emkhunjini bese eqala ukukhala." Kwakuyini na? Isayini yenkululeko. Yonke into ayelokhu eyithanda ibekwe ngqo emva kwaleyosayini lapho.

187 O, kodwa kuyoba njani lapho sengizwa umkhumbi omdala waseZayoni ungquzuka ngalokho kusa futhi ngibona amaflege ebhakuza! Lapho impi isiphelile nokunqoba sekuzuziwe, haleluya! Futhi siza eKhaya, lapho khona ukufa, isono nesihogo sekunqotshiwe; futhi asisekho isono, kungasekho-kufa, kungasekho-sizi. Sengiyayizwa nje impempe ikhala! O, sesisondela eMzini. Yebo, mnumzane. Abaphuli bayangena, umkhumbi omdala ungena endaweni yawo. Nkulunkulu, sisize ukuba siphilele lelohora!

188 Nkosi Jesu, singabantu a—abazama ngamandla ethu onke, ngakho konke lokho okukithi, ukuhamba ekuKhanyeni kwevangeli leVangeli laKho elikhulu Owalifelayo ukuba ulungise. Sibonga kakhulu ukubona, ngalolu izinsuku ezimbi ezimnyama esiphila kuzo manje kulelihora, ukuthi sibona izibonakaliso zibonakala. O Nkulunkulu, njengoba kuyisandla esiloba odongeni, siyaKubonga, Nkosi, ukuthi singasibona futhi

sazi ukuthi ukukhululwa sekusondele eduzane. Siyashumayela, sinqamula izwe, siKubona usebenza izibonakaliso ezinkulu, uzibonisa Wena nsuku zonke, minyaka yonke. Akukho-nyaka odlulayo kungekho (esikhulu) isibonakaliso saKhe esiPhezu kwemvelo sishaya umhlaba. Futhi siyasibona, sazi ukuthi impi enkulu kaNkulunkulu imasha iya phambili.

189 O, ababaningi ngesibalo, kodwa iqembu elinamandla kangaka pho elinokuPhila okuPhakade! Wathi, "Bayohlasela impi futhi beqe ugange." Yebo, "impi" yokufa ayiyikuba nababambi kuyo, Liyohlasela ngqo ledlule kuyo. Leqe "ugange" phakathi kokwemvelo nokungaPhezu kwemvelo, futhi lingene ezingalweni zikaNkulunkulu, lingene kuleloPhakade elikhulu. Nkosi Nkulunkulu, siyaKubonga ngalokhu. Siyazi isikhathi siyasondela eduze.

190 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi kulobubusuku uma bebakhona abanye lapha ongakwazi Wena, ongakaze benze ukuthula kwabo . . . Futhi mhlawumbe kulobubusuku, ngenkathi kade sikhuluma, iPhimbo elincane belikhuluma phansi enhliziyweni yabo, "Ngizwa isixwayiso ukuthi ngeke ngaba ngapha isikhathi eside kakhulu." O Nkulunkulu, kwangathi bangayalela indlu yabo, khona manje. Kwangathi yonke into ingahleleka. Kwangathi ukubanda . . . Mhlawumbe bangamaKristu, kodwa nje abanakho . . . Baphile phansi kwalokhu isikhathi eside kakhulu futhi babone izinto eziningi kakhulu, ba—bavele nje balahlekelwa ngubunani baLo. Li . . . Izinto, bakuthatha kalula esikhundleni sokuba ngokujule ngempela nangobuqotho.

191 O Nkulunkulu, asihlolisise kulobubusuku, siphe khona, sazi ukuthi lezizinto ezinkulu kuphela ziyasixwayisa ngeBandla elihlwithwa masinyane. Futhi uma sisindwa yisono, nokungakholwa, nangukulibala, asiyikulenza loloHwitho. Siyakwazi, Nkosi, ngakho siyakhuleka ukuthi Uzovuthisa phakathi kithi uMoya oNgcwele, phansi ezinhliziyweni zethu. O Nkulunkulu, vuthisa imiphefumulo yethu ngesibusiso saKho. Sisize ukuba siqonde.

192 Manje, busisa abantu kanyekanye. Busisa umelusi wethu oligugu nomkakhe. Busisa abadikoni, abaphatheli, bonke abantu abangafundele lutho, kanyekanye. Thethelela izono zethu. Philisa izigulo zethu, Nkosi. Futhi uvuthise izinhliziyo zethu amalangabi. Futhi kwangathi singahamba sisuka kulendawo nomlayezo oxwayisayo, lapho sihlangana nabantu abasesonweni, futhi sibatshele, "Mngani, awunamahloni yini ukuthi wenza izinto ezinje, wazi ukuthi uzohlangana noNkulunkulu ngoluny'usuku na?" Siphe khona, Nkosi. Ngibanikela kuWe, manje; nginikela uMlayezo, nakho konke kanyekanye, ukuba kusebenzele kanyekanye inkazimulo yaKho. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

193 AniMthandi na? Cabangani ngalokho esiyikho. Bukani ukuthi sesenyuke saya kude kangakanani emgwaqeni esikuwo, bangane. Buka emuva nje ezansi nomgwaqo ukusuka ezansi le ngaleya, ngezinsuku zikaLuther noWesley, kwehle njalo ngeminyaka. Bukani lapha ukuthi sikuphi: khona lapha esiqongweni sesivivane; khona lapha lapho uNkulunkulu ekufakazise khona, ukuthi iBhayibheli ngezimpawu eziyisikhombisa lembulwe ngokuphelele; kulindwe kuphela manje lezozimfihlakalo eziyisikhombisa ekugcineni ngqo, ngokuFika kweNkosi noHlwitho lweBandla olungahle lwenzeke ngaphambi kokusa. O, he!

Ng'yaMthanda, (ngobuqotho manje) ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

194 Njengoba thina ngokuthula manje...Niyaqonda yini ukuthi ngamunye wethu phakathi lapha uzofanele ashiye lapha, alishiye lelizwe na? Niyazi yini ukuthi umuntu ozelwe ngowesifazane ungowezinsuku ezimbalwa futhi zigcwele inkathazo na? Benazi yini ukuthi ngenxa yokuthi sizalwa yilowomuthi waseNsimini yase Edene, wokufa, ukuthi sizofanele sife na? Siyisithelo sesizalo sikamama wethu, futhi sizofanele sife, sizofanele sehlukanise lokhu ukuphila. Abancane noma abadala, akwenzi-mehluko. Uma owesilisa omdala kunabo bonke noma owesifazane phakathi lapha ephila ubusuku bonke, uzophila edlule noma uzophila edlule abaningi ishumi-, abantwana abaneminyaka eyishumi nanhlanu ubudala na? Amakhulu abo azofa emhlabeni wonke ngaphambi kwasekuseni, abantwana. Ngakho konke lokho okusemqoka, kungukuthi, wenzani khona manje na?

195 Leli lingahle libe yithuba lakho lokugcina. Abancane noma abadala, niyakwazi ukuya enkonzweni. Ningashiyi neyodwa into ingenziwe. Yibani ngabanokujula futhi nibe qotho. Lahlani sonke isono nayo yonke into. Bukani ngqo ebusweni bukaNkulunkulu bese nibuza umbuzo, "Nkosi, ngabe ngiyaKuthokozisa na? Yini enye ebengingayenza, Nkosi Jesu na? Angisophinde ngibe nethuba, emva kokuba lempilo isiphelile, ukuba ngiKukhonze. Yilesisikhathi kuphela enginaso. Nkosi Nkulunkulu, kuphela ngazise ukuthi Ufuna ukwenzani! Uma ngifanele ngihambe ngenze *lokhu* noma ngifanele ngenze *lokho*, ngizokwenza ngokujabula."

196 Ngabe si—ngabe sikucabanga ngobuqotho lokho na? Ngabe abafo abancane bayakucabanga lokho na? Ngabe ophakathi nendima yempilo uyakucabanga lokho na? Ngabe abantu abadala bayakucabanga lokho na? Ngabe injejane iyakucabanga lokho na? Sizofanele simuke, futhi wazi kanjani ukuthi sonke asizukumuka ngaphambi kwasekuseni na? Asikwazi. Wena uthi, "Lokho kuyangikhathaza." Akufanele! Ngokukhuluma ngokusobala, kufanele kukwenze ujabule kakhulu impela ukwazi ukuthi uyayishiya lendlu endala yezifo ezibulalayo.

197 Kunelinye izwe. Awudingi ukuba ushiye kude kakhulu. Linawe ngqo. Lingakuwe ngqo. Uvele nje . . . u . . . uNkulunkulu ukunika kuphela imizwa emihlanu, nalokho kungokokuxhumana kakhulu impela nokwaleli, lelizwe. Kodwa kunelinye izwe ongenamizwa ukuba uxhumane nalo, ungeke waxhumana nalo ngoba awunawo.

198 Isibonelo nje, ngathi, ngeSonto ebusuku, (mhlawumbe anikutholanga) ini . . . sinemizwa emihlanu: ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa. Kodwa uma-ke ubungenakho ukubona (ubunokunambitha nje, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa), nomunye bemukela ukubona kwabo base bethi, "Kuneliny'zwe, ilanga"? Leyo—leyomizwa yokuthinta, ubhampela ezintweni, futhi okuyikho kungakutshela ukuthi kuyini. Ngani, ubungacabanga ukuthi umuntu ubehlanya, ngoba awunawo lowo—lowomuzwa wo—wokubona. Akukhomuntu osewake waba nawo, owaziyo ngawo. Nizwile ngabantu abasho izinto ezinjengalokho, kodwa wakungabaza. Kodwa siyazi ngalomuzwa ukuthi kuyikho ngempela. Kuyindawo eyiyo ngempela. Niyabo? Yi—yi—yi—yindawo lapho i . . . ungabona. Umuzwa wakho uyakumemezela lokho.

199 Manje, into kuphela oyenzayo uma ufa, uvele nje ushintshe leyomizwa emihlanu (Udumo! Whewu!), uvele nje wemukele omunye umuzwa. Futhi uphila ngomuzwa ophakeme kakhulu, izinkulungwane zezikhathi ukuphakama ukwedlula lona, kokunye ukuphila; ukuphila lapho okungekho-kufa khona, lapho okungekho-sizi khona. Nezinto ongazi lutho ngazo manje, ukubona ngokusobala ngenkathi unqamula lapho. Awukuqondi manje ngoba ubhampa kukho, awunawo lowomuzwa. Wena uthi, "Ngi—ngizwa ukuzwa okuxakile lapha kulobubusuku. Kubukeka kimi sengathi kukhona u . . . ngifuna ukukhala nje, noma ngimemeze, noma okuthize." YiziNgelosi zeNkosi. Niyabo?

200 Njengomuntu mumbe uthi, uyazi, lokho kwakungenawo neze umuzwa wokubona, uthi, "Kanye ngasikhathi ngizwa into ethize yangempela, njengokuzwa njengokufudumala."

Wena uthi, "Ngukukhanya kwelanga."

201 "Yini ukukhanya kwelanga na? Angizange ngikubone." "Akukho . . . " Niyabo, akazange abone, akazi ukuthi kuyini.

Niyabo, umuntu mumbe laphaya uzofanele amtshele, umuntu mumbe ongakubona. O, he! Niyabo?

202 Siyashintsha nje. Siyashintsha nje, ningakwesabi ukufa. Ukufa akulutho kuphela kuyisichuse. UJesu wakunqoba. Ngisho nangenkathi uPawulu ehlela ekugcineni, wathi, "Kufa, luphi udosi lwakho na? Kuphi ukwesabisa kwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Uthi ungitholile na? Ngi—ngifuna ukukukhombisa emuva lapho eJerusalema. Kunethuna elingenalutho lapho futhi 'NginguYe owaninqoba nobabili, kufa nesihogo,' futhi ngikuYe futhi ningeke nangibamba! Ngiyovuka futhi." O, he! Wathi, "Kunomqhele engibekelwe wona, iNkosi, uMahluleli olungileyo, ayongipha wona; futhi kungesimina kuphela, kodwa bonke labo aba*thanda* ukubonakala kwaYo."

203 NiyaMthanda. Nifuna ukuMbona eza. Nilinde Yena. Yindaba ende, nguku—ngukulinda okude. Wudaba lothando. Kodwa ungeke nje walinda uze uMbone! O, he! Kungaleyondlela-ke. O, leso yisikhathi esisibhekile, yilelohora! Uma inhliziyo yakho ingenje—nje—njengalokho kulobubusuku, mngane, qaphela. Uyabo? Qaphela. Ungavumeli isitha sikudukise. Nxa uMoya oNgcwele phakathi lapha ufuna ukusuka Undizele kuMenzi waWo, eNkosini yaWo, kunodaba lothando okungekho-muntu ongasho ngalo. Kunjalo, kuyikho ngempela. Kuyikho ngempela.

204 Ngakho uma kunesixwayiso, sithi, "Awukakulungeli lokho," khona-ke khumbula, uNkulunkuu angahle ukuba ukulungiselela into ethize. Uyabo? Awukalungeli . . .

205 Wena uthi, "Awu, uma ngithola ukubhaphathizwa, uMoya oNgcwele, manje-ke, awu, mhlawumbe iNkosi izongithatha na?" Qha, akusikho lokho kuphela, usulungela nje ukuphila-ke. A—awukalungeli ukuphila uze uthole uMoya oNgcwele, bese kuthi-ke uma uthola uMoya oNgcwele khona-ke usukufanele nje ukuphila. Ubungakufanele ukuphila ngaphambi kwalokho, uyabo, kodwa manje usukufanele nje ukuphila emva kokuba usuthole uMoya oNgcwele. Uyabo? Ukulungiselela nje. Uyabo?

206 Abantu bathi, "Awu, ngifanele ngikulungele ukufa." O, he, ngilungela ukuphila! Amen. Into yakho ingukuthi, lungela ukuphila, phila kuKristu! Impilo enqobayo phezu kwesono, ukufa, isihogo, sengivele nginakho ukunqoba. UngukuNqoba kwami futhi ngingubufakazi baKhe obubonakalayo, futhi ngingubufakazi obubonakalayo bokuNqoba kwaKhe. Amen! Yilokho-ke.

207 "Wazi kanjani ukuthi unaKho na?" NginaKho. Amen. Wangipha Khona ngomusa waKhe. NgiyaKuzwa. NgiyaKwazi. NgiyaKubona kusebenza empilweni yami. Kwangiguqula. Futhi ngokwaleNcwadi lapha, Washo ukuthi nganginokuPhila okuPhakade futhi akunakwenzeka ukuba ngiye ekwaHlulelweni, kodwa ngedlulile ekufeni ngangena ekuPhileni ngoba Wangithathela ukwahlulelwa kwami.

Futhi uma Akhokha intengo, ungazami ukungiletha kunoma yikuphi ukwaHlulelwa. Usevele ungithathele khona, futhi ngakwemukela. Yebo, mnumzane.

208 Ngakho akusekho-kwahlulelwa. Akusekho—akusekho-kufa. O, ngizofanele ngishiye ibandla futhi ngishiye abantu ngoluny'usuku, kodwa lokho . . . uma uJesu elibala. Futhi uma lokho kwenzeka, ngani, he, angifile. Ngeke ngafa, nginokuPhila okuPhakade. Ungafa kanjani unokuPhila okuPhakade na? Niyabo? Njalo ngiseBukhoneni bukaNkulunkulu futhi kuze kube phakade ngiyoba naYe! Amen! Lokho kuyayixhuxhumisa inhliziyo yami, he, kungenza ngifune ukuqala ngishumayele futhi. Niyabo? Kunjalo. O, UyisiMangaliso!

Akamangalisi yini, isimangaliso, isimangaliso na?
UJesu iNkosi yami akamangalisi na?
Amehlo abonile, izindlebe zizwile, okuqoshwe eZwini likaNkulunkulu;
UJesu iNkosi yami akamangalisi na?

Ngiyabuthanda lobo bufakazi.

Amehlo abonile, izindlebe zizwile, okuqoshwe eZwini likaNkulunkulu;
UJesu iNkosi yethu akamangalisi na?

209 O, ngiyaMthanda! UngukuThula kwami, ukuPhila kwami, iThemba lami—lami, iNkosi yami, uNkulunkulu wami, uMsindisi wami, owami . . . (O, he!) uBaba wami, uMama wami, uDadewethu, uMfowethu, uMngane wami, ukonke kwami! Niyabo? Sasivame ukucula iculo elincane kanjalo. Niyazi, ngabe nonke nike niwathole lawomaculo amancane ePhentekoste njenge . . . Ngithemba ukuthi banaso lesosiqophi sivaliwe, niyabo. Leloculo esasivame ukulicula:

Ungubaba wami, umama wami, udadewethu nomfowethu,
Uyikho konke kimi.

Uyikho konke, Uyikho konke kimi;
Uyikho konke, Uyikho konke kimi;
Ngokuba Ungubaba wami, umama wami, udadewethu nomfowethu,
Uyikho konke kimi.

210 Niyakhumbula ngenkathi sisavame ukucula lelo na? Noma yimuphi wenu uyalikhumbula na? He, iminyaka eyadlula! Futhi manje-ke sasivame ukuthi:

Ngiyazi kwakuyiGazi, ngiyazi kwakuyiGazi,
Ngiyazi kwakuyiGazi ngenxa yami;
Ngoluny'usuku ngangilahlekile, Wafela phezu kwesiPhambano,
Futhi ngiyazi kwakuyiGazi ngenxa yami.

211 Niyalikhumbula leloculo elincane na? Ake sibone, lalithini lelo elinye elilodwa esasilicula na? Ake sibone.

O, beningelinde nami ihora libe-linye,
Ngisaya laphaya, Ngisaya laphaya?
O, beningelinde nami ihora libe-linye,
Ngisaya laphaya futhi ngikhuleke?

Ngiyanqoba, ngiyanqoba,
Ngiyanqoba, ngiyanqoba;
Ngokuba ngiyamthanda uJesu, UnguMsindisi wami,
Futhi Uyamamatheka futhi Uyangithanda nami.

212 Kwakuvame ukuba nguMfowethu Smith omdala, umfowethu oyikhaladi, wayevame ukuba sezansi lapha ekhoneni. O! Ngangibezwa labobafo abangamakhaladi ezansi lapho, ngangivele ngihlale lapho nje bese ngidazuluka futhi ngikhale nayo yonke enye into, nginyakazise imoto yami yonke indawo futhi ngigxume ngiyizungeze yonke kanjalo. Bonke babeshaya ihlombe. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe esacula—Umhl.].

O, beningelinde na . . .

Lokho kushaya okuncane labobafo abangamakhaladi onakho, niyazi. Akukho-muntu ongacula njengabo; ungavele ukhohlwe nje yikho. Niyabo?

. . . ihora libe-linye,
Ngisaya laphaya, . . .

213 O, he! Ngihlala lapho, ngathi, "O Nkulunkulu!" Lomfana omdadlana, cishe onemimyaka engamashumi amabili ubudala, ngangigigijima ngizungeze ngizungeze leyomoto futhi nje ngimemeze futhi ngidumise uNkulunkulu kanjalo. O, isikhathi esinje pho! Lokho nje kwakungukuqala kwasekuqaleni, ngenkathi uNkulunkulu wayehamba nje phakathi kwabantu kanjalo. Manje sesingena eBandleni eliqinile. Elingeliningi ngezibalo, kodwa elinamandla eMoyeni. Amen. Kumangalisa kanjani!

214 Bese-ke kwakuvame ukuba neculo elincane . . . Ngiyalukhumbula usuku ezansi lapho eChattanooga, eTennessee, ngenkathi ngibonana nalona . . . Hhayi eChattanooga, kwakusezansi eMemphis, lapho engabonana khona nalona wesifazane omncane oyikhaladi, niyazi, emi phandle lapho. Ningizwile ngixoxa ngakho, niyazi. Umfana wakhe wayenogconsula. Futhi wayeshuqule ngeyembe lalendoda ekhanda lakhe, encike phezu kwebhentshi *kanjalo*. NeNkosi yamisa leyondiza lapho futhi ayangayivumela ukuba ihambe, ngandlela thize, futhi bangitshela ukuba ngize ngithathe . . . NoMoya oNgcwele wathi, "Thatha uhambo oluncane futhi wehle nga*le*ndlela."

215 Ngase ngihamba ngihamba ngezinyawo ngehla ngidabula lapho, ngicula. Ngacabanga, "He, indiza yami isithi ayilungele ukusuka!"

216 Nje uqhubeka nokuthi, "Yiya phambili. Yiba ulokhu uqhubeka uhamba. Yiba ulokhu uqhubeka uhamba." Nje kusesekuqaleni kwengxenye yenkonzo yami.

217 Ngase ngibheka, encike othangweni locingo lapho, nendlwanyana encanyana, indawo encane lapho. Kwakunodade omdala emi lapho. O, waye. . . Wayebukeka njengalaba odade kumakhekhe amapanikuku abaku Anti Jemima. Izihlathi ezikhuluphele ezinkulukazi, niyazi, nezinwele zakhe—zakhe, iyembe lakhe libuyiselwe emuva. Wancika esangweni kanjalo, futhi nje nga. . . Ngangicula leloculo elincane nge. . . ncane. . . Lalithini. . . Ngiyalikhohlwa igama leculo elincane engalicula. Manje, liyinto emayelana—emayelana. . . Kwakuyiculo eli shotty elincane lamaPentecostal, ijubili elincane.

218 Ngase ngiyeka nje ukucula, ngasondela kakhudlwana. Ngase ngihamba ngedlula. Futhi wayemi lapho nezinyembezi zehla ngalezo zihlathi ezinkulu ezikhuluphele; ngangifuna ukumanga entanyeni. Wathi, "Sawubona ekuseni, parson!"

Ngathi, "Anti, utheni?"

Wathi, "Ngithe, 'Sawubona ekuseni, parson.'"

219 Ngathi, "Waze kanjani ukuthi benginguparson na?" Manje, kubantu eNingizimu, lokho kusho ukuthi "mfundisi," niyazi. Ngathi, "Manje waze kanjani ukuthi benginguparson na?"

Wathi, "Bengazi ukuthi ubuza."

220 Ngathi, "Bewazi ukuthi bengiza?" Ngacabanga, "A-o, nakhu, uyabo."

221 Wathi, "Yebo, mnumzane." Wathi, "Se—sewake wayifunda indaba eBhayibhelini, parson, ngalowo wesifazane waseShunemi na?"

Ngathi, "Yebo, anti, ngiyifundile."

222 Wathi, "Ngangiyilolohlobo lowesifazane." Wathi, "Futhi ngacela iNkosi ukuba ingiphe ingane, mina nomyeni wami, futhi ngiyoyikhulisela Yona." Wathi, "Yakwenza, Ingipha ingane." Wayesethi, "Ngayikhulisa, umfana okahle." Wathi, "Wahamba nabangane abangafanele, parson. Wathola isifo esibi," wayesethi, "ulele lapho efa. Kade efa cishe izinsuku ezimbili manje. Awubuyi ngisho umqondo kuye izinsuku ezimbili. Indoda engudokotela ibilapha futhi yathi 'Angeke aphila,' yathi, 'uyafa.' Bekuyisifo samasoka." Wayesethi—ethi, "Kucishe kwal'khuni ukuba ngime ukubona ingane yami ifa, futhi ngikhuleke ubusuku bonke." Wayesethi, "Ngathi, 'Nkosi,' wathi, 'Ngibe luhlobo owesifazane waseShunemi ayeyilo, kodwa' wathi, 'uphi uElisha waKho na?'"

223 Wayesethi, "Ngalala ngase ngiphupha iphupho, ukuthi bengimi lapha kulelisango, ngase ngikubona uza wehla ngomgwaqo nalesosigqoko esincane othe ukusibeka eceleni ekhanda lakho." Kodwa wathi, "Kunento eyodwa kuphela," wathi, "iphi leyo . . ." Wathi, "Ufanele ukuphatha isutkesi ngesandla sakho."

Ngathi, "Ngisanda nje kuyishiya ezansi lapho ePeabody Hhotela."

224 Wathi, "Bengazi ukuthi ubufanele ubenesutkesi." Wayesethi, "Ingane yami iyafa."

Ngathi, "Igama lami nginguBranham."

Wathi, "Ngiyajabula ukukubona, Parson Branham."

225 Ngathi, "Ngikhulekela abagulayo. Sewake wezwa ngenkonzo yami na?"

226 Wathi, "Qhabo, angikholwa ukuthi sengake ngezwa." Wathi, "Ungengene na?" Ngase ngingena.

227 Lowo mfo omkhulu elele lapho kanjalo. Ngangizama ukumtshela ngokuphilisa kukaNkulunkulu, kodwa lokho kwakungesikho ayekukhathalele. Wayefuna ukuzwa lowomfana ethi wayese "sindisiwe futhi esekulungele ukumuka." Futhi uthi . . . Futhi uNkulunkulu wamsindisa.

228 Futhi cishe sekungunyaka kamuva ngimbonile phandle lapho njengomthwaleli ezansi esiteshini. Izenza kanje iNkosi izinto!

229 Kwase kuthi-ke ngenkathi sengibuyela emuva, emva kwalokho, ngangifanele . . . leyondiza yayifanele isuke ngelesikhombisa nqo, futhi kwakuthi akube elesishiyagalolunye ligamenxe. Ngase ngithatha itekisi ngase ngibuyela emuva. Futhi ngathi ngingena nje, kwathiwa, "Ukubizelwa kokugcina endizeni eyinombolo *ethize-thizeni*." INkosi yayibamba leyondiza phansi lapho ngisahambile futhi ngakhulekela lowomfana. Niyabo? Yilokho-ke.

230 Bengizama ukucabanga ngalelo, iculo elincane, "*Omunye WaBo*." Yilo. O, sasivame kanjani ukwenza leyondilingilizi phakathi lapha, futhi sishaye ihlombe. Sasithi:

> Omunye wabo, omunye wabo,
> Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi
> ngingomunye wabo; (Haleluya!)
> Omunye wabo, ngingomunye wabo,
> Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi
> ngingomunye wabo.

Babebutheni enkamelweni eliphezulu,
Bonke bekhuleka eGameni laKhe,
Babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele, Namandla enkonzo afika;
Manje Abenzela khona ngalolosuku
Uzonenzela okufanayo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo.

Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo;
Omunye wabo, ngingomunye wabo,
Ngijabuka kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo. (Unguyena?)

231 Lalelani lelivesi.

Nakuba lababantu bengefunde ukuba yibo,
Noma baqhoshe ngodumo lwezwe,
Bonke bemukele iPhentekoste labo,
Babhaphathizwa eGameni likaJesu;
Futhi bayasho manje, ndawozombili lapho nalaphaya,
Amandla aKhe asafana nje,
Futhi ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo.

O, omunye wabo, ngingomunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo;
Omunye wabo, o, ngingomunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunywe wabo.

O, woza, mfowethu, ufune lesisibusiso
Esizohlanza inhliziyo yakho esonweni,
Sizoqala ukushaya izinsimbi zokujabula
Futhi sizogcina umphefumulo wakho uvutha amalangabi;
O, uyavutha manje phansi enhliziyweni yami,
O, udumo eGameni laKhe,
Futhi ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo. (Niyajabula ngalokho na?)

Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo;
O, omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo.

232 O, anijabuli na? Asixhawulane nje ngenkathi silicula. Uthini na? Asikwenze.

> Omunye wabo, omunye wabo,
> Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo;

Ngijabula kakhulu nami, mfowethu.

> O, omunye wabo, omunye wabo,
> Ngijabuka kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo.

> O, woza, mfowethu, ufune lesisibusiso
> Esizo . . . umphefumulo wakho amalangabi,
> Esizoqala ukushaya izinsimbi zokujabula
> Futhi sizogcina umphefumulo wakho uvutha amalangabi;
> O, uyavutha manje ngaphakathi kwenhliziyo yami,
> O, udumo kwelaKhe . . .

Asiphakamise izandla zethu.

> Jabula ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo.

233 Sonke kanye kanye.

> Omunye wabo, omunye wabo,
> Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo;
> Ngingomunye wabo, omunye wabo,
> Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo.

234 Lalelisisani futhi manje, niyabo.

> Nakuba lababantu bange—bangefunde ukuba yibo, (abaveli neze ekholiji)
> Noma baqhoshe ngodumo lwezwe,
> Bonke bemukele isiBusiso sabo sePhentekoste,
> Babhaphathizwa eGameni likaJesu;
> Futhi bayasho manje, ndawozombili lapho nalaphaya, (onke amagumbi namakhona amancane)
> Amandla aKhe asafana namanje,
> Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo.

235 O, liculeni, bandla!

> . . . bo, omunye wabo,
> Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo;
> O, omunye wabo, omunye wabo,
> Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wa . . .

236 Thatha iduku lakho elincane lesandla manje.

Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo;
O, omunye wabo, omunye wabo,
Futhi ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingingomunye wabo.

237 Ayibongwe iNkosi! Amen! Sifana nabantwana nje. Akukho okuyisimo ngathi. UNkulunkulu akanasimo. Kunjalo na? Yebo, mnumzane!

Ngingomunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo;
Ngingomunye wabo, omunye wabo,
O, ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wa . . .

238 Nijabule ngempela ukuthi ningakusho na? Phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Ayibongwe iNkosi!" [Ibandla lithi, "Ayibongwe iNkosi!"—Umhl.] Ayibongwe iNkosi! Ngiyajabula ukuthi ngingomunye wabo! Ngiyajabula ukuba nguye.

239 Nkosi Nkulunkulu, ngijabula kakhulu. Omunye wabo! Omunye wabo! Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo. O Nkulunkulu, sisize ukuba sibe yilokho. Sisize ukuba sigcine amaLambu ekhanya, Nkosi, njengoba simasha siqonda eZayoni. Siphe khona, Baba. EGameni likaJesu, sinikela izimpilo zethu kuWe zibe ezenkonzo. Amen. Amen.

O, siyamasha siya eZayoni,
O, enhle, enhle iZayoni;
Siyamasha siqonde phezulu eZayoni,
Lowo muzi omuhle kaNkulunkulu.

Wozani, thina esithanda iNkosi,
Futhi mazaziwe izinjabulo zethu,
Joyinani eculweni ngokuzwana okumnandi,
Joyinani eculweni ngokuzwana okumnandi,
Futhi kanjalo sizungeza isihlalo sobukhosi
Futhi . . . (O, culani eMoyeni nje!) . . . isihlalo sobukhosi.

O, siyamasha siya eZayoni,
Leyo enhle, enhle iZayoni;
Siyamasha siqonde phezulu eZayoni,
Lowomuzi omuhle kaNkulunkulu.

O, siyamasha siya eZayoni,
Enhle, enhle iZayoni;
Siyamasha siqonde phezulu eZayoni,
Lowomuzi omuhle kaNkulunkulu.

Makuthi labo abala ukucula
Abangazange bamazi uNkulunkulu wethu;
Kodwa abantwana beNkosi yasezulwini,
Kodwa abantwana beNkosi yasezulwini,
Bangakhuluma izinjabulo zabo ngaphesheya,
Bangakhuluma izinjabulo zabo ngaphesheya.

240 Asilicule!

Siyamasha siya eZayoni,
O, enhle, enhle iZayoni;
Siyamasha siqonde phezulu eZayoni,
Lowomuzi omuhle kaNkulunkulu.

241 O, lokho akunikorobhi na? Aniwathandi yini lawomaculo amadala na? Ngi—ngingaqoka ukuba nawo kunakho konke eninga. . .kumbe noma yimaphi alawa amanye ohlobo lwamaculo eningaba nawo. Lawo limnandi, amaculo amadala ezwakala enhliziyweni. O, he! Ngizizwa ngikahle kakhulu futhi ngijabule uma ngiwacula, amnandi nje! He, ngizwa kuthi angithokoze nje!

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Liyakukunika injabulo nenduduzo,
O, lithathe, noma uyaphi.

Gama eliligugu (Gama eliligugu!), O limnandi kangaka! (O limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

242 Njengoba sikhothamisa amakhanda ethu manje:

NgeGama likaJesu sikhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa umqhele,
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba no . . .

[UMfowethu uNeville uvala inkonzo—Umhl.]

*UNkulunkulu Akambizeli Umuntu Ekwahlulelweni Engamexwayisanga Kuqala* ZUL63-0724
(God Doesn't Call Man To Judgment Without First Warning Him)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesithathu kusihlwa, ngo Julayi 24, ngo 1963, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2013 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

